- Introduction of methods for assessing visible policing operations;
- A move towards using scientifically-determined methodology (e.g. sampling public opinion through research surveys and "exit polls") to identify problematic areas for specific trouble-shooting interventions;
- Engaging other statutory bodies such as the Independent Complaints Directorate (ICD) to ensure that overlapping areas of responsibility are more closely aligned, duplication of effort is minimized and complementary skills and mandates are used more effectively.

In terms of its increased capacity, the department will now have seven Service Monitors at its disposal, with each service monitor assigned a policing area under their jurisdiction. Using the National Station Evaluation Tool, the Department will intensify its scrutiny of several high-priority areas. These include:

- Identifying under-resourced stations, focusing on their institutional capacity in relation to the size of community served;
- Evaluating the accessibility of stations, given that rural police stations in particular, often serve very spatially scattered settlement areas;
- Assessing the implementation of the SAPS Service Charter to promote a service-centred culture, as enshrined in the Batho Pele Principles;
- Evaluating the efficiency of stations, focusing on police responsiveness, feedback to crime victims, absenteeism rates, disciplinary record, distribution of resources, and routine updating of police registers;
- Determining the quality of investigations and detective work, by focusing on what bottlenecks may be hindering effective case management ;
- Assessing the level of police expertise, particularly in terms of their understanding and application of national policies, to uncover any training or skills gaps;
- Monitoring the implementation of transformation, by evaluating compliance with national demographic and gender equity targets;
- Assessing the “victim friendliness” of stations, focusing on the secondary trauma victims, particularly of domestic and/or sexual abuse. Generally, the secondary abuse is the result of social attitudes within these institutions that have not been challenged through sensitivity training and the provision of skilled persons to assist victims;
- Aligned to this point, assessing the willingness and institutional capacity of each station to implement protective rights for Vulnerable Groups, as enshrined in the Domestic Violence Act, Child Care Act, Family Violence Act, Victims Charter, etc.

To this effect, the Department hopes to optimize its strategic leadership function over the SAPS in the province to address shortcomings in police service delivery. Provincial policing needs and priorities should inform, and give strategic direction to, SAPS' operations. For this reason, the Department is looking to engage SAPS in co-determining their operational plans, by institutionalizing regular and meaningful bi-laterals with provincial management. It is hoped that more strategic engagement with SAPS will result in Police Improvement Plans (PIPs) at station level with agreed upon implementation time frames that the Department can hold SAPS accountable for. The Department's oversight role demands advanced technology for information storage. An automated data capturing system will assist the Department to store, process and update information records and enable it to generate "intelligence-on-demand" on policing in the province at both macro and micro-level.

## **COMPLAINTS MANAGEMENT DIRECTORATE**

In 2005 the Department embarked on expanding this component from being a Complaints desk to a Complaints Management Directorate. A Manager and three Complaints Monitors have been employed to address complaints against the police. The pattern and trend of complaints reveals that 70% of the complaints relate to the poor investigation of cases by SAPS Detective Units while 30% relates to the failure of Police Stations to respond timeously. This forces the Department to seek Information Technology solutions in collecting and processing large volumes of information. An automated Complaints Management System (CMS) will be introduced in order to effectively manage and expedite the processing of complaints. Complaints, which fall within the mandates of other stakeholders such as the ICD, the Public Protector, the Human Right Commission, Law Society, Prosecuting Authority and Judicial Authority, get channelled to the relevant authorities.

B  
U  
D  
G  
E  
T  
  
S  
P  
E  
E  
C  
H  
  
2  
0  
0  
6  
-  
2  
0  
0  
7

***Some of the challenges faced by SAPS are as follows:***

- Investigators are overloaded with dockets, which often compromise the quality of investigation of cases;
- The scenes of crime are not timously protected which result in important evidence being destroyed.
- Suspects are acquitted in court because physical clues were destroyed at the scene or not handled properly.
- Conviction rate is low since cases are forwarded to court without sufficient evidence and the prosecution is declining to prosecute on those cases.
- Investigators are not furnishing feedback to complainants with regard to their cases.
- Police stations are still not responding timously to community emergency complaints.
- SAPS members always complain of not having vehicles at the Community Service Centres to attend to community calls and sometimes they say they have one vehicle which is out attending to other complaints.

***On the part of the community some of the challenges are as follows:***

- Complainants have high expectations of the police after lodging cases with the police. They expect the police to arrest without sufficient evidence or information which empowers the police to act;
- The complainants lack knowledge of certain procedures relevant to the justice system which govern arrests, prosecutions and the conviction of suspects;

**B  
U  
D  
G  
E  
T  
  
S  
P  
E  
E  
C  
H  
  
2  
0  
0  
6  
-  
2  
0  
0  
7**

- Complainants and suspects don't understand the right to bail applications. The release on bail of suspects by the court causes conflict between the police and the community;
- Complainants do not understand why some cases get withdrawn and they lack information as to what is really meant when cases get withdrawn due to insufficient evidence, which can lead to prosecution.

To address these very evident challenges the department will direct educational programs targeted at both the police and the community promoting understanding of the law and respect for the rights to swift justice. The new legislation, which will be released, will also be converted into common knowledge through an extensive communication plan for the public.

## **SOCIAL CRIME PREVENTION**

Our commitment in realising the Freedom Charter's ideal of a South Africa that is equal still persists Mr Speaker. We uphold this ideal Mr. Speaker by giving expression to our core constructional values of equal rights and human dignity. As a government that governs from the basis of the 'People's Document' the Freedom Charter, upon whose ideals or Constitution is based, we can not ignore the participation of our citizens in making this country and this province a safe one for all, particularly the weak.

Therefore 2006/7 shall be the year of meaningful citizen participation in Community Safety. Participation will enable this Department to delve deeper into some of the most fundamental questions that get asked by the ordinary people on the street such as why stolen goods are creating flourishing markets, why do so many still think that crime fighting begins and ends with the police, and especially why so many children and women are still abused and raped and many others. This speaks directly to the value of multi-agency efforts, the targeting of vulnerable groups, and the importance

of a Community Safety Network. Collaboration with Local Government in terms of including safety plans in IDP's would also be ideal.

## **THE DEVELOPMENT OF AN ANTI DRUG STRATEGY**

The sustainability of our economy and democracy lies with our youth Mr Speaker, however the usage of drugs amongst teenagers has reached epidemic proportions. SANCA (Durban), for example, reports that one in three persons being treated for addiction in their facilities are teenagers. The development of an Integrated Strategy on Teenage Drug Abuse supported by Multi-agency partnerships will be a priority in order to ensure that issues pertaining to teenagers' abuse of drugs is effectively and efficiently dealt with.

## **YOUTH DEVELOPMENT AT DISTRICT LEVEL**

Honourable members, youth are the leaders of tomorrow and have a key role to play in social crime prevention. In the next financial year I would like to see youth involved in issues pertaining to them. We therefore need to find ways to involve youth in designing and planning programmes. This introduces a need for District and Municipal Youth Coordinators to be trained in the use of crime prevention toolkit, to enable them to draw up safety audits in their areas. They will also be incorporated into the Kwa-Zulu Natal Integrated Youth Crime Prevention Committee (KIYCPC). Working with the Department of Education, this department is to assist in the development and implementation of programs targeting high-risk schools in the province. All programs shall focus on building the capacity of the school's safety structure: its Discipline, Safety and Security Committee. This is a bold move towards targeting youth in schools and improving school safety.

## **INVOLVEMENT OF FAITH BASED ORGANIZATIONS**

The Department will encourage the involvement of faith based organizations in community safety efforts. Since crime is now viewed as an epidemic, which requires all citizens to work together, the department has developed a multi-faith approach in supporting crime prevention initiatives. We look forward to the benefits that would be derived out of this intervention.

## **CAPACITATING AMAKHOSI TO PLAY A MORE PROMINENT COMMUNITY SAFETY ROLE**

Mr Speaker it has come to our attention that some of Amakhosi do tri cases that do not fall within their competence. In the interest of defending the weak we have embarked on a capacity building programme for Amakhosi. This entails training 286 Amakhosi to enable them to be pro- active in crime prevention. We have approached the Department of Traditional Affairs in order to make this a joint initiative. This will go a long way towards ensuring rural safety for the community.

## **ESTABLISHING COMMUNITY SAFETY FORA TO LEAD DISTRICT COMMUNITY SAFETY EFFORTS**

My department is to assist district municipalities in establishing Community Safety Fora, which are to act as the coordination centre of the Community Safety Network, bringing together government and citizen's in identifying local safety needs and responding to them, particularly through the safety planning process. Underpinning the work of my department shall be ongoing research into crime priorities, the formulation of new strategies, and the production of capacity programs and tools to assist government and its participating citizen's in their efforts to address community safety needs.

B  
U  
D  
G  
E  
T  
  
S  
P  
E  
E  
C  
H  
  
2  
0  
0  
6  
-  
2  
0  
0  
7

## **COMMUNITY POLICING**

In order to promote corporative governance and in an effort to integrate provincial effort towards focused service delivery, the department is in the process of piloting Community Safety Forums (CSF's) within the most needy areas in the province. Our recently held conference on Community Safety has given rise to collective support from all stakeholders towards creating these structures. Already, the Eastern Cape, Gauteng and Western Cape have piloted Community Safety Forums. These CSF's will ensure that all role-players in the Justice, Crime Prevention and Security Cluster work together to address the challenges of public safety. Community policing structures will be given significant departmental support, which will promote their ability to promote crime prevention and peacekeeping in the respective communities they serve.

## **COMMUNITIES IN DIALOGUE PROGRAMME**

The Communities-in – Dialogue programme as directed by the Honourable Premier in his State of the Province Address in February 2006, will also reside under our community-policing directorate, which has already begun to actively deal with conflict between and among communities. The demand has been so great that already the department has conducted three interventions in different areas. Provincial departments who are faced with conflict in communities where they deliver services will resort to this department for relief. This is a labour and cost intensive programme and will place a serious burden on the department's resources. However, the department will develop the necessary expertise to ensure the success of this programme.

## **VICTIM EMPOWERMENT**

Mr. Speaker, our conviction that we shall 'Defend the Weak' constantly drives us in ensuring that equality within the justice system prevails and,



that the quality of lives of our people is improved. This conviction has been expressed through the opening of this directorate, whose main objective is to ensure that victims of all crimes are indeed protected and supported. This conviction has further found expression in the approval of the Victims Charter by National Cabinet in November 2004. As part of supporting the implementation and creating public awareness of the Victims Charter we have produced in IsiZulu and in English 183 Charters for display in Community Service Centres. We have further produced Z-cards in IsiZulu and English to this effect and these are being distributed to the public. Although the wheels of change move slowly, there is light at the end of the tunnel that we will one day experience justice for all.

According to the National Crime Prevention Strategy, rape, domestic violence and crimes against women and children, requires a special focus because of their prevalence and their negative impact on society as a whole. Our Province has reported a remarkable increase in these crimes during the past financial year. With this in mind, a number of Victim Support Centres have been opened in the whole country, some of which are attached to police stations and others managed by non-governmental organizations. An Assessment Tool has been developed and the department has already begun to assess the establishment and existence of these facilities at 120 police stations and will continue to assess them with a view to establish their basic needs. Mr Speaker, It gives me pleasure to announce that business has promised to work closely with us in providing support to these centres.

## **EDUCATIONAL PROGRAMMES**

Mr. Speaker while there are many positive developments around the country, there are still challenges that require combined efforts of all stakeholders to see to the complete eradication of domestic violence. I have pleasure to announce that in an endeavour to eradicate family violence and other forms of abuse in a family setting; this department has harnessed the power of both print and electronic media and produced a radio drama as an initiative towards complete eradication of family related violence in support of the 16 days of Activism for No Violence against Women & Children. In the

**B  
U  
D  
G  
E  
T  
  
S  
P  
E  
E  
C  
H**

**2  
0  
0  
6  
-  
2  
0  
0  
7**

pipeline is the production of Videotape/DVD, which will be utilized to sensitize all members of society about the problems of abuse inherent in our societies. A publication/ poster on Domestic Violence was developed and distributed throughout the province. Also in the pipelines are educational programmes in schools in partnership with other stakeholders in support of Child Protection Week, International Children's Day and National Children's Day.

Mr. Speaker, Sir, it gives me great pleasure to announce to this house our intention to form partnerships with Universities & unemployed graduates in the Psychology field to assist in the counselling and debriefing at Trauma Centres, thus enabling them to put to good use their knowledge. In line with the PGDS strategy to normalize peace and safety, the department is working closely with the department of Social Welfare to deal with legal placement of the children, assisting the centre to get birth certificates for the children and to arrange for subsidy payments.

## **GENDER**

Mr. Speaker, last year I reported that training and assistance was available to every district in this province for the training of their Gender Coordinators to enable them to rollout the Women Safety Audit in all municipal areas. To this end I have pleasure to report that we have developed a training manual and have to date trained four district municipalities and we will be training remaining Gender Coordinators and thereafter provide them with support to rollout the audits to all local municipalities.

## **HIV/AIDS**

The Department of Community Safety and Liaison is committed to employee assistance programmes with regards to HIV/AIDS. This initiative will be informed by the broader Health Department policy and initiatives. It is envisaged that a dedicated budget for this sub programme will be set side so as to fight the scourge. SAPS in KZN alone has a budget of R500 000 in place to fight this scourge. This budget is insufficient, particularly when one takes into cognisance the high prevalence of this disease.

## CHALLENGES

The budget of the department is indeed a small commitment towards a provincial priority of peace, safety and security and must increase in order for significant impact to be made. The department is often approached by local community structures which are willing to assist with project implementation but due to limited resources, it is unable to fund their activities. Youth must be targeted in crime prevention programmes as well as skills development in order to create a generation of law-abiding, successful and resourceful adults. The department plans to establish a comprehensive youth programme which will be implemented through partnerships with local municipalities.

The ever-increasing rate of social fabric crimes against women and children and the dearth of services for victims, presents a grim picture. Here the department intends to do groundbreaking work with the police and NGO's in order to develop a programmatic response to victim empowerment.

## CONCLUSION

Mr Speaker, I would like to pass my sincerest appreciation to:

- The Head of my Department, Ms Yasmin Bacus, her new management team and all the staff in the department
- Office of the MEC
- The South African Police Service, KwaZulu-Natal
- The Portfolio Committee on Community Safety and Liaison (KwaZulu Natal Legislature)
- The Leadership and members of Community Police Forums
- Stakeholders and partners in crime prevention

- Members of the community
- Members of the media

Your support and co-operation with our department over the last year was the reason for our significant growth and development. We look forward to you continuously holding us accountable for the services we commit to provide to the people of KwaZulu-Natal.

*“Safety should not be a dream but a reality which we collectively work towards”*

*Mr. B.H. Cele*

*MEC for Transport, Community Safety and Liaison*



*Inkulumo Yesabelomali Sika*  
*2006 – 2007*

# UMNYANGO WEZOKUTHUTHA KWAZULU-NATAL

INKULUMO YESABELOMALI SIKA-2006/2007

MHLAKA 24 APRIL 2006

YETHULWA ESISHAYAMTHETHO SAKWAZULU-NATAL

NGUMHLONISHWA UNGQONGQOSHE  
WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA

NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI

**UMnuz B.H. Cele**

SOMLOMO  
AMALUNGU AHLONIPHEKILE ESISHAYAMTHETHO  
SESIFUNDAZWE  
AMALUNGU EKOMITI LEZOKUTHUTHA EPHALAMENDE  
IZICUKUTHWANE EZAHLUKENE  
ABEMITHOMBO YEZINDABA  
IZAKHAMIZI ZAKITHI  
NGIYANIBINGELELA NONKE



*Inkulumo Yesabelomali Sika*  
*2006 – 2007*

# *Isingeniso*

*“Usuku olughakazile seluyeza e-Afrika. Ungathi sengiyabona amaketango egageka, odedangendlale bogwadule begcwele isivuno, i-Abyssinia neKwaZulu lapho-kunezimpane zesayensi nenkolo, badumisa ukuphuma kwelanga emasontweni nasemanyuvesi akhona.*

*I-Congo neGambia igcwele amabhizinisi, amadolobha akhona anyinyithekayo angene shi emabhizinisini kanti wonke amadodana akhona azibophezele ekuggugquzeleni ukuthula, athanda ukuthobela umthetho okudlula imidlwembe yempi”*

(kwasho uPixley ka Isaka Semen go-April 1906)

**U**Seme wabhala kanje kulandela ukunqoba kukaMenelik i-Italy e-Odowa owayebusa e-Ethopia eminyakeni eyishumi ngaphambilini. Amabutho kaBhambatha ayelwela ubulungiswa KwaZulu. Enyakatho yethu, amavukela mbuso ama-Ovambo namaHerero namaMaji-Maji ayephikisana nokubhuqwa iJalimane. Kodwa uSeme wabhala ngaphambi kokuba uBhambatha anqunywe ikhanda, ngoMay, futhi ngaphambi kokuba nezinye izishoshovu zihlakazwe. Ezinyangeni ezimbalwa kamuva, uGandhi wayezoqalisa ngomkhankaso wakhe wokushaya indiva nokwakusho ukuqala phansi kwale mikhankaso.

Amagama kaSeme abonakala eshaya enhloleni futhi eyiqiniso kulesi khathi sika-April 2006 uma kuqhathaniswa nangesikahthi sika-April 1906. Isimo sepolitiki esikhona ezweni lethu sikhomba ukuthi ngempela likhona ithemba kwababuthaka okuyibona esibavikelayo njengohulumeni.

Yikho lokhu okwenze uMengameli uMbeki wakhuluma ngesikhathi sethemba nombhidlango kazwelonke wokusheshisa nokusabalalisa izinhlelo zentuthuko, athe i-Age of Hope and National Effort for Faster and Shared Growth, ngenkathi ethula inkulumo yakhe esizweni ngoFebruary 2006.

Somlomo, akungabazeki ukuthi iKwaZulu-Natal isingene ngempela kulesi khathi sethemba.



## **ITHEMBA KWABABUTHAKA**

Ngenkathi ngethula inkulumo kule Ndlu okokuqala nginguNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngomhlaka 26 July 2004, ngakubeka ukuthi: Isabelomali engisethulayo siphethe umyalezo oqinile; yisabelo esihlose ukuvikela ababuthaka. Malungu aHloniphekile, nazo zonke izicukuthwane ezikhona, umsebenzi nomsebenzi esiwenzayo uhlose ukufeza lokhu.

- Sikuqinisekisa kanjani njengoMnyango wezokuThutha ukuthi imigwaqo esiyakhayo isiza imiphakathi ehlwempu kakhulu?
- Sikuqinisekisa kanjani ukuthi imigwaqo esiyakhayo inikeza indlela yokufinyelela lapho kunamathuba ezomnotho?
- Sikuqinisekisa kanjani kwezokuThutha ukuthi izithuthi zomphakathi ziba sesimweni esikahle, zitholakale ngokwanelisayo, ziphephe, zingambi eqolo futhi zingasizi nje osibanibani eDurban North naseMlazi, kodwa zisize nabantu eMsinga, oPhongolo naseNhlazatshe?
- Sikuqinisekisa kanjani kwezokuThutha ukuthi ukuhlelwa kwemigwaqo kwenziwa ngendlela yokuthi imiphakathi yasemakhaya iyakwazi ukufinyelela ezikoleni, emitholampilo nasezibhedlela?
- Sikuqinisekisa kanjani kwezokuThutha ukuthi kunengqalasisinda ezokwazi ukuhlanganisa imiphakathi, ngaleyo kugqugquzeleke ukuhlalisana kahle?
- Umbuzo omkhulu malungu ahloniphekile nezicukuthwane ezahlukene ngowokuthi siqinisekisa kanjani ukuthi isabelomali esisethula namhlanje sivikela ababuthaka, ngaleyo ndlela silungisa umonakalo wangesikhathi esedlule, ikakhulukazi ukulwa nobuphovu okwenza silethe inhlati yethemba kwababuthaka?

Ekwethuleni isabemali sonyaka ka-2006/2007, ngizothanda ukuveza esesikwenzile okuphendula eminye yale mibuzo engenhla ngiphinde ngiveze nezinye izinselelo esibhekana nazo. Sisalokhusizibophezele ekuvikeleni ababuthaka ngokubagqugquzela ukuba babambe iqhaza kuhulumeni nasemnothweni wethu. Sizohlale siqinisekisa ukuthi izinhlelo zethu zisekela abampofu ngenhloso yokuvala igebe phakathi kwezigaba zomnotho esokuqala nesesibili.

## **UKUXHUMANA NOKUBAMBA IQHAZA KOMPHEKATHI**

“Isisekelo sezwe elithuthukayo kuba ukuxoxisana nokulalela njalo ukuthi bathini abantu ikakhulukazi labo abangakwazi ukuzisiza.” Lawa ngamazwi kaMhlonishwa wethu uNdunankulu uMnuz J.S. Ndebele awasho enkulumweni yakhe yesifundazwe. Omunye wemigomo yami ngalesikhathi ngisenguNgqongqoshe ngukuthi ngizohlale ngilalela ukuthi abantu bathini, ngikwenza ngokuxhumana nokubandakanya umphakathi. Unyaka wezimali ka-2005/2006 ube ngomatasa kakhulu lapho besehla senyuka esifundazweni siyozibonela sizizwele ngezinselo ezibhekene nabantu bakithi kwezokuthutha. Mangikusho ukuthi nakuba ziziningi izinselo, kodwa kuyangijabulisa ukubika ukuthi kuningi osekwenziwe okuyinqubekela phambili.

Ukushintsha kwemingcele yesifundazwe sethu kusho ukuthi kudingeka siqinise izinhlelo zokuxhumana nemiphakathi. Sifuna ukuqinisekisa le Ndlu eHloniphekile ukuthi njengoMnyango wezokuThutha siwemukela ngezandla ezifudumele uMzimkhulu. Sizokwenza ngokusemandleni ukuqinisekisa ukuthi lo masipala uba yingxenywe yezinhlelo zethu zokulethwa kwezidingo.

Njengoba abaningi benu bazi, sibuye sahambela izindawo lapho kwehlakale khona izingozi zomgwaqo, abalimele ezibhedlela nemindeni esuke ithintekile ezinhlekeleleni ezinkulu ezenzeka emigaqweni yalesi fundazwe. Angithandi ukwenza ihaba ezintweni. Kuhlale kudingeka ukuba ngizibambe njalo uma ngisuke ngenza lo msebenzi ngokwesikhundla sami. Kodwa ngiyavuma ukuthi ukubona ubuhlungu abantu ababa kubona uma kunalezi zingozi kwenza kuvele kwehle izinyembezi nakumina ezikhathini eziningi. Yingakho nje umzabalazo wokulwa nezingozi zomgwaqo kumele uqiniswe kakhulu.

## **UKWETHULWA KOMBIKO WONYAKA**

YiNdlu eHloniphekile, uMnyango wezokuThutha ube nombuthano wokwethulwa kombiko wonyaka okokuqala oLundi ezindlini zeSishayamthetho ezindala. Izinqumo ezathathwa kulo mhlango Somlomo zakhomba indlela okumele sihambe ngayo kule minyaka ezayo. Kuyathokozisa ukwazisa le Ndlu ukuthi ngempela lo Mnyango awulokhu uthemelezela kodwa uyenza, njengoba iningi lalezi zinqumo liveziwe kulesi kule nkulumo yesabelomali ngaphansi kwezinhlelo ezahlukeni. Lokhu kusagcizelela kona ukuthi singuhulumeni onakekelayo.

## **I-PUBLIC TRANSPORT ACT KWAZULU-NATAL**

Somlomo, njengohulumeni kulindeleke ukuba sibeke imigomo nemithetho ezolekelela ukuba kulethwe izidingongqangi.

Nginokuziqhenya okukhulu ngokubika ukuthi umthetho olawula izithuthi zomphakathi KwaZulu-Natal i-Public Transport Act, Act 3 of 2005, obalula ngezinguquko nokuhlelwa kabusha kwemboni yezokuthutha umphakathi esifundazweni, wamukelwa ngomhlaka 3 November 2005. Sinethemba lokuthi kuzokuba khona ukusizakala kulokhu.

## **UKUTHUTHUKISWA KWEMIZILA**

Malungu aHloniphekile, ukuthuthukiswa komnotho ikakhulukazi emazingeni aphansi kulokhu kuyinto ephambili ohlelweni lukahulumeni. UMnyango usaqhubeka nokweseka ukuthuthukiswa kwemizila njengohlelo oluyingqayizivele njengokubalula kukaNdunankulu. Lolu hlelo luhlose ukuqinisa ukwesekwa kwe-Lebombo Spatial Development Initiative okuhlangene nokwakhiwa komgwaqo uMain Road 700. Ukuvuselelwa komzila kaloliwe kuleya ndawo ka-P 700 kuzoshintsha izinto ngokufanayo nokubonakala ku-M 4 uma uya eMpumalanga. Okubalulekile, lo mzila uzoxhumanisa iRichards Bay neVryheid.

(Somlomo, uhlelo oludidiyelwe nokwethula olulandeliwe lwe-African Renaissance Road Upgrading Programme (ARRUP) olwenzelwe ukushintsha imizila yasemaphandleni okubalwa kuyona amadolobhana anjengo Highflats ne St Faiths (P68), Nongoma neNkandla (P235/P49) kanye neKranskop (P15). Zonke izinhlelo ze-ARRUP zizoqhubeka nokusebenza njengoba kwakubikiwe ngaphambilini, ziqhukethe ingxenye enkulu yesabelo-zimali sika-R307 milliomm kulo nyaka wezimali).

## **UHLELO LUKAZIBAMBELE**

Malungu aHloniphekile, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzizwa uhloniphekile ngokuba izingqalabutho zohlelo lukaZibambeke. Kulo nyaka wezimali ka 2005/2006 angu 27 831 amalungu kaZibambeke. Umgomo wesibalo esibekiwe sawo onyakeni ka 2006/2007 singu 32041. Ukuba nempumelelo kohlelo lukaZibambeke kuthola ukunconywa hhayi KwaZulu-Natal kuphela kodwa eNingizimu Afrika yonke. Kuyimanje lolu hlelo seluthathwe nangezinye izifundazwe nomasipala ezweni. Njengabasunguli balolu hlelo yiNdlu eHloniphekile, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzokuba neqhaza elikhulu kuloku sabalaliswa kwalolu hlelo. Somlomo, esikhathini esedlule uhlelo lukaZibambeke belubonakala njengohlelo nje lokulwa nobuphofu. Kodwa-ke sekube nokuquko lwasuka ekubeni uhlelo lokulwa

nobubha lwaya ekubeni uhlelo lokuzithuthukisa. Lokhu kwenzeka ngokuthi oZibambeke bakhe izikhwama zokonga imali bese benza imifelandawonye lapho bezokwenza amabhizinisi abawathandayo. UMnyango wezokuThutha usuxhumane noMnyango wezoLimo ukuzama uhlelo lapho oZibambeke bezotshala amakhowe kwaVulindlela eMgungundlovu. Izindawo ezizothenga umkhiqizo kubhekeke ukuthi kube izikole nezinkampani eziphekela izibhedlela ukudla. UMnyango wezokuThutha usuxhumane noMnyango wezeMfundo nowezeMpilo ukuze kwenziwe lokhu ngokusemthethweni. Sinethemba lokuthi sizothola ukwamukeleka lapha.

Malungu ahloniphekile, kuyangithokozisa ukwethula ukuthi kulo nyaka iZibambeke Savings Club izofakwa ngaphansi kwezinhlelo zoMnyango wezoLimo nezeMvelo ukuvikela ingxenye elinganayo ekutshalweni kobhanana kubalimi abaNyama. Loluhlelo obelusacutshungulwa selikulungele ukuba yingxenye yohlelo lokuthuthukiswa komgwaqo uP 68 ngaphansi kohlelo i-ARRUP

## **IMIGWAQO ENGENELA EMIPHAKATHI**

YiNdlu eHloniphekile, ukwakhiwa kwemigwaqo engenela ezakhiweni zemiphakathi kusalokhu kuyinselelo enkulu ekulethweni kwezidingo. Isidingo samabhuloho ezinyawo nemigwaqo engenela emiphakathini sibonakala sisikhulu kabi ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya KwaZulu-Natal. Embikweni owethulwe phambi kwekomiti lezeziMali nokuThuthukiswa koMnotho ephalamende ngo-April 2006, kwabalulwa ukuthi kusadingeka amabhuloho angu-146 abahamba ngezinyawo esifundazweni. Mayelana nemigwaqo engenela emiphakathini, kwabikwa futhi kuleli komiti ukuthi kusadingeka amakhilomitha angu-2 740 emigwaqo ukuba yakhiwe ngesamba semali esibalelwa ku-R687 million. INdlu eHloniphekile izokhumbula ukuthi kunemali eyisipesheli engu-R82 million enikwe uMnyango wezokuThutha ngonyaka wezimali odlule. Imali engu-R32 million kuleyo yafakwa emisebenzini yokwakha amabhuloho okuwela ngezinyawo, kwathi enye ingxenye yafakwa emigaqweni engenela ezakhiweni zemiphakathi. Ngithanda ukubika Somlomo ukuthi kuze kube manje sesakhe amabhuloho angu-14, kwathi imigwaqo eyakhiwe yaba nganakhilomitha angu-160. Igebe liselikhulu Somlomo, kodwa-ke, siyethemba ukuthi le Ndlu izokwazi ukusihlonipha ngokusinika isabelomali esithe xaxa ukuze sifeze lo msebenzi.

## **IZINHLELO EZIHOLWA UHULUMENI**

Somlomo, kubalulekile ukuba siqinisekise ukuthi imigomo ifezwa ngokuyikho. UMnyango wezokuThutha uzibophezele ngokwesekele zonke izinhlelo eziholwa nguhulumeni njengokuhlela kukahulumeni obusayo. Izinhlelo ezifana ne-Operation Mbo, iProject Consolidate, ne-Accelerated Shared Growth Initiative of South Africa (ASGISA), ezinye zezinhlelo lo Mnyango ozozigqugquzela. Umsebenzi obalulekile

kulezizinhlelouzokubaekuthuthukiswenikwengqalasizinda,kuhlanganisaimisebenzi eyenziwa esifundazweni, ukuhlelwa kwamasu, ukuthuthukiswa kwamakhono nokuthuthukiswa komnotho esigabeni esiphansi. Sizozinisekisa ukuthi lezi zinhlelo ziyaphumelela. Okusemqoka kuzona kumele kube ngukuphucula izinga lempilo kubantu bakithi. Ekugcineni sifuna ukuqinisekisa “impilo engcono kubo bonke”

## **I-EXPANDED PUBLIC WORKS PROGRAMME (EPWP)**

Njengoba nazi ukuthi iKhabhinethi yaKwaZulu-Natal eholwa nguNdunankulu wethu ibeke emahlombe oMnyango wezokuThutha wonke umsebenzi wohlelo lokulethwa kwamathuba emisebenzi emiphakathi olwaziwa nge-Expanded Public Works Programme. Kuyinjabulo ukuba ngimemezele ukuthi sesisungule ihhovisi loMqondisi elaziwa nge-EPWP Directorate ngaphansi kukaMqondisi oMkhulu weStrategic Planning, ukuba lengamele lolu hlelo.

Ngalolu hlelo lwe-EPWP sizophinde sikwazi ukuphuthumisa ukufakwa kwezimali ezindaweni ezingathuthukile emadolobheni nasemakhaya esifundazweni ukuze siphucule indlela yokulethwa kwezidingo, kuhlanganisa ukulethwa kwemigwaqo nemizila kaloliwe. Izinselelo ezibhekene ne-EPWP zikhomba ukuthi kumele lusimamiswe lolu hlelo, kuthi imisebenzi yalo ibonakale ngisho nasezingeni lomasipala. Lokhu Somlomo kuzogcizelelwa kakhulu emagalelweni azokwenziwa uMnyango wezokuThutha ekuholeni lolu hlelo.

## **INDEBE YOMHLABA KA-2010**

Ngivumele Somolomo ngiveze kule Ndlu eHloniphekile ukuthi ukusingathwa kweNdebe yoMhlaba ka-2010 kuseqhulwini lezinhlelo zoMnyango wezokuThutha phezu kwezimali ezingenele kahle. Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda, ukuhlelwa kwezokuthutha, izithuthi zomphakathi eziphephile, ezilawulwa umthetho, ezingambi eqolo nezitholakala ngokwanele, ukuphepha emigaqweni yizo izinto ezibhekelle kakhulu ukuqinisekisa ukuthi iKwaZulu-Natal neNingizimu Afrika yonkana iyakulungela ukusingatha iNdebe yoMhlaba ka-2010.

## **UKUSEBENZISANA NOMNYANGO WEZOKUTHUTHA KUZWELONKE**

Ngabe ngehlulekile Somlomo ukwenza umsebenzi wami uma ngingazange ngibonge iqhaza loMnyango wezokuThutha kuzwelonke ekuthuthukisweni kwengqalasizinda

kulesi fundazwe. Ukwakhiwa kwe-John Ross Highway, ibhuloho lomfula iSikhwebezi, umgwaqo eNkodibe, umgwaqo oya eQhudeneni, ukubala okumbalwa, kungubufakazi balokhu kubambisana ekushintsheni izimpilo zabantu kulesi sifundazwe. Ngempela ngempela likhona ithemba kwababuthaka KwaZulu-Natal uma kunokubambisana phakathi kwezigaba ezahlukene zikahulumeni ngenhloso yokufeza okuhle.

### **Somlomo**

I-African Development Bank isikugcizelele ukuthi “kunokuxhumana okuqinile phakathi kobubha nokuba sezindaweni okungafinyeleleki kuzona”. Yilo leli gebe esizama ukulivala ngezinhlelo zezokuthutha ngenhloso yokuphucula izimpilo zabantu bakithi. Ukuqhubeka njalo kwale mpilo engcono kuyokwenzeka uma intsha yalesi sifundazwe ibamba iqhaza elibonakalayo ezinhlelweni zoMnyango.

Malungu aHloniphekile, ngithanda ukuveza ukuthi isabelomali sika-2006/2007 soMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal kanye nesikhathi okumele izinto zenziwe ngaso akwenele ukuthi kungakhiwa imigwaqo ezohlangabezana nezidingo zokuhamba kuzo zonke izakhamizi ngesikhathi esisodwa futhi sibhekane nezinsalelo ezibalwe ngenhla.

Manje sengizokwethula isabelomali ngomsebenzi nomsebenzi.

### ***Uhlelo lokuqala: Imisebenzi yasemahhovisi (R101,7 million)***

Isabelomali sohlelo lokuqala siqondiswe ekutheni kwenziwe ngokufanele yonke imisebenzi yasemahhovisi oMnyango nehhovisi likaNgqongqoshe nokuthi kwenziwe imisebenzi yokusiza amakhasimende ngaphandle kokukhwabanisa nenkohlakalo.

Izinhloso zalolu hlelo: Imisebenzi yasemahhovisi yilokhu, icacisiwe ohlelweni lwamasu okusebenza koMnyango.

Izinsalelo ezibhekene nalolu hlelo kodwa akugcini ngalezi:

- \* Ukuphuthumisa ukuqashwa nokufakwa ezikhundleni kwabesimame eMnyangweni;
- Ukubhekana nomthelela we-HIV/AIDS kubasebenzi boMnyango;
- Ukunciphisa izindleko ezenzeka ngokuvikela ukukhula kwesibalo nobunzima bamacala abhekana noMnyango mayelana nokugcinwa kwemigwaqo isesimweni nokwenza ezokuthuthwa komphakathi zibe semthethweni;

- Umthelela wokusabalalisa ingqalasizinda nokuphuthumisa ukulethwa kwezidingongqangi.

Ngiyathokoza Somlomo ukumemezela ukuthi uMnyango wezokuThutha uthatha udaba lwe-HIV/AIDS njengodaba olubucayi kakhulu. Isabelomali se-HIV/AIDS sikhushuliwe kulo nyaka wezimali sasuka ku-R3 million saya ku-R5 million.

Ukuthuthukiswa kwabasebenzi boMnyango kuyisisekelo sokuthuthuka koMnyango nokulingana kwabasebenzi bethu. Uhlelo lwemfundo yabadala olwaziwa nge-Adult Basic Education and Training lunesandla esikhulu ekuthuthukeni kwabasebenzi, kanti uMnyango unokuziqhenya ngalolu hlelo ngoba luyaziphucula izimpilo zabantu bakithi. Ngomhlaka 7 April 2006 kube nomcimbi wabebepothula izifundo zabo obuse-YMCA eMgungundlovu. Bebengu-1350 abafundi sebebonke. Babe ngu-717 abafundi abakwaze ukubhala izivivinyo zabo. Bangu-480 abafundi abaphase ukuhlolwa kwabo kwathi abangu-56 baphasa ngamalengiso kanti abangu-97 nabo baphasa ngezinga elincomekayo. Somlomo, ngisasho futhi ngithi ngempela likhona ithemba kwababuthaka eMnyangweni wezokuThutha!

### ***Uhlelo lwesibili: Ingqalasizinda yomgwaqo (R1,8 billion)***

Isabelomali sohlelo lwesibili sihlose ukwakha imigwaqo ephephile kuzo zonke izindawo, ezohlangabezana nazo zonke izidingo zokuhambazakhamizi zaKwaZulu-Natal, iphinde ihlangabezane nemigomo yokukhuliswa nokuthuthukiswa komnotho kuzwelonke nasesifundazweni.

Ukuze sibe nemigwaqo ephephile futhi ibekhona zonke izindawo:

- Kumele siqinisekise ukuthi ukuhlela kwethu kwenza imigwaqo igcineke isesimweni esifanele;
- Kumele siqinisekise ukuthi imigwaqo yethu ihlangabezane nezidingo zentuthuko nenhlalakahle yabantu bakithi;
- Kumele siphucule izindlela zokufinyelela ezikoleni, emitholampilo nasezakhiweni zomphakathi;
- Kumele sandise amathuba emisebenzi, ukuthuthukiswa kwabamnyama kwezomnotho nokulwa nobubha;
- Kumele sigququzele ukukhula nokuthuthuka komnotho emazingeni aphantsi, ngokuletha ingqalasizinda yomgwaqo, ukuze sigququzele ukudidiyelwa kwentuthuko yesifundazwe sethu.

Ukugcizelela koMnyango ukubaluleka kokwakhiwa kwemigwaqo ephiphile futhi kubantu bonke kufakazelwa kangcono ngokuthi u-76% wesabelomali soMnyango ubekelwe lo msebenzi. Lesi sabelomali sihlose ukuhlanganisa ukwakhiwa kwemigwaqo ukuze kufinyeleleke ezindaweni ezazinganakiwe ngenxa yomgomo waphambilini wokuthuthukisa ngokwehlukana nesidingo sokugcina leyo migwaqo ekhona isesimweni esifanele.

Lesi sabelomali sihlanganisa u-R240 million wokwakha imigwaqo ezindaweni ezazincishwe amathuba phambilini, u-R502 million wokwakha imizila egqugquzela ukuthuthukiswa komnotho wesifundazwe kanye nesamba sika-R811 million wokugcina imigwaqo isesimweni.

Nokho-ke, phezu kokuba kube nokwenyuswa kwemali eyabelwa uMnyango kule minyaka edlule kwaphinde kwelulwa isikhathi okumele kwenziwe ngaso imisebenzi, uMnyango usalokhu ukhala ngokungeneli kwemali yokwenza umsebenzi wawo.

Ezinye izinselelo ezibhekene noMnyango ohlelweni lwengqalasizinda yomgwaqo zihlanganisa:

- Osekube umphumela wokungeneli kahle kwesabelomali njengalokhu:
  - Izinga eliphansi lokugcinwa kwemigwaqo isesimweni;
  - Ukwakhiwa kwemigwaqo engenela ezakhiweni zemiphakathi eyayincishwe amathuba phambilini;
  - Ukwakhiwa kwamabhuloho okuwela ngezinyawo.
  - Ukulethwa kwengqalasizinda ukuze kuthuthukiswe umnotho.
- Ukuntuleka konjiniyela abaqeqeshiwe ezweni ikakhulukazi eMnyangweni;
- Ukufezekiswa kombono we-Expand Public Works Programme, ukuze kudalwe imisebenzi eqhubekayo nokunciphisa ububha;
- Ukudidiyela izinhlelo zezokuthutha nengqalasizinda kuyo yonke imikhakha yezokuthutha.

### ***Uhlelo lwesithathu: Ezokuthutha (R36,3 million)***

Isabelomali salolu hlelo sibhekiswe ekuhleleni, ekulawuleni ngokomthetho, ekubhakeni ukugcinwa komthetho nokuthuthukisa izithuthi zomphakathi nezithuthi zempahla ukuze kuqinisekise ukuthi lezi zithuthi zisebenza ngokufanele futhi ziphephile.



Izinhlalo zalolu hlelo yilezi: Ezokuthutha zicacisiwe ohlelweni lwamasu okusebenza koMnyango. Kodwa-ke izinselelo ezisekhona zihlanganisa nalezi:

- Ukuntuleka kwamakhono okuhlelela ezokuthutha komasipala nomthelela wako ekuphuthulweni kwe-Public Transport Plan;
- Ukuqubuka kodlame embonini yezithuthi zomphakathi;
- Ukuntula komasipala izimali zokwakha ingqalasizinda yezithuthi zomphakathi;
- Umthelela wezezimali ohlelweni lokuguqulwa kwemboni yamatekisi kwisabelomali sethu, uMnyango wezokuThutha kuzwelonke obungakayikhiphi;

Ukubaluleka kwalolu hlelo Somlomo neNdlu eHloniphekile kubonakala kahle uma ubheka ukuthi uMnyango ususebenzise imali ebalelwa ku-R23 million ukuze kuhlelwe kangcono izithuthi zomphakathi nokuqinisekisa ukuthi izindaba ezibucayi zilungiswa ngokushesha ngaphambi kokuba zize zibe inkinga. Ukufakwa kwale mali kwenza isabelomali sohlelo lwezokuthutha sifinyelele ku-R59,3 million. Izinhlelo zokucija ngolwazi emkhakheni wezithuthi zomphakathi zizohlomula kulesi sabelomali, oluzohlanganisa abashayeli bamatekisi, abaphathi nabagibeli kugcizelelwa izinhlelo zokuphepha, ukuphatha nokuphathwa kahle kwabagibeli nabo bazohlomula kulesisabelo-zimali esithe xaxa ikakhulukazi abashayeli bamatekisi lapho kugcizelelwa kakhulu izindaba zokuphepha.

Ukugququzela ukuba kusetshenziswe izinto zokuhamba ezingadumi nako kuyinto esemqoka ohlelweni lwezithuthi zomphakathi ikakhulukazi uma sifuna ukufeza umgomo wethu wokuthi “Siphumelela Ngezokuthutha”. UMnyango uzoqalisa ngohlelo lokuvuselela ukusetshenziswa kwamabhayisekili. Ukuphumelala kwalolu hlelo kuncike ekutheni sibe nokubambisana neminye iminyango ehlukeni. Kuyacacake ukuthi uMnyango wezokuThutha kuzomele uxhumane noMnyango wezeMfundo ukuze kusetshenziswane ekuvuseleleni lolu hlelo.

Emshikashikeni wokuvikela ababuthaka, uMnyango uzogququzela ukusungulwa kwezinhlangano zabagibeli. Kuzokwenziwa izinhlelo zokubacija ngolwazi labo soseshini babagibeli. Lokhu kwenzelwa ukuqinisekisa ukuthi abagibeli bayahleleka, babe nezwi, balalelwe futhi abagibeli baphathwa ngenhlonipho banikezwe nesithunzi esibafanele.

Somlomo, uMnyango uzohamba ngesivinini esikhulu ukuqinisa izinhlelo ezikhona eMnyangweni wezokuThutha. Lokhu kuhlanganisa iBhodi, iRegistrar nePanel of

Assessors uma sibala okumbalwa. Lokhu kubaluleke kakhulu ukuze uMnyango ukwazi ukuqhuba uhlelo lokuguqulwa kwemboni yamatekisi ngendlela enobuhlakani nengenazo izinxushunxushu. Amalungu amasha ebhodi, ithimba labacubunguli umbhalisi wamatekisi basanda kuqokwa. Kulo mzuzu saithanda ukubonga obengumbhalisi wamatekisi ngeqhaza alibambile ekuguquleni ezokuthuthwa komphakathi KwaZulu-Natal

Indlela ekahle yokwenza lo msebenzi kuzokuba ukusebenzisa ubuchwepheshe esithi i-Information Technology. UMnyango uzosizwa ngochwepheshe abanolwazi ngalokhu.

Ngithanda ukucacisa kule Ndlu ukuthi izivumelwano zokuxhaswa kwamabhasi zizophelelwa isikhathi ekupheleni kuka-2006. Ukubhekelela lesi simo, phakathi nonyaka uMnyango uzohlela kabusha izinkontileka zamabhasi ubheke izindlela zokufukula nezinye izinkampani. Lokhu kuhlose ukusabalalisa imixhaso yamabhasi ngokulingana esifundazweni sonke.

Namanje ngisasho Somlomo, likhona ithemba kwababuthaka kulo Mnyango wezokuThutha!

### ***Uhlelo lwesine: Ukulawulwa kwezimoto emgaqweni (R389,1 million)***

Lapha isabelomali sihlose ukuqinisekisa ukuthi kunokuphepha emigaqweni ngokuba kwenziwe imithetho elawula ukuhamba emigaqweni yomphakathi, ukubhekela ukugcinwa kwayo, ukwenziwa kwemikhankaso yezokuphepha emgaqweni nokunikezwa kwamalayisensi ezimoto nabashayeli.

Izinselelo ezibhekene noMnyango ngalolu hlelo Somlomo yilezi:

- Ukuthola, kuhlolwe bese kuhlelwa kahle izindlela zokulungisa imigwaqo ngokobunjiniyela uma ibonakala ingaphephile;
- Inkinga yomqondo okhona wokuthi i-RTI akuwona umsebenzi obaluleke kakhulu;
- Umthelela wohlelo lokuguqulwa kwemboni yamatekisi ekusebenzeni kwe-Public Transport Enforcement Unit (PTEU);
- Isinqumo soMnyango wezoBulungiswa sokunqaba ukuba izimantshi ziqule amacala ezinkantolo zasemgaqweni;
- Ukungazibandakanyi kwezinye izikole ezinhlelweni zokufundisa ngezokuphepha emgaqweni;

- Inkohlakalo ezikhungweni zamalaysensi;
- Inkinga yezikali zomthwalo wezimoto eziphazamiswa uhlelo olusetshenziswayo oludinga i-software ethile.

### ***Uhlelo lwesihlanu: Imisebenzi eyenziwa imiphakathi (R52,0 million)***

YiNdlu eHloniphekile, izicukuthwane ezahlukene, manene namanenekazi, esalapha isabelomali ngesokuthuthukisa izinhlelo zokufukula nokunikeza ngamakhono emiphakathini eyayincishwe amathuba phambilini, okwenza baguquzeleke ukubamba iqhaza emnothweni wezwe.

Lapha kuthuthukiswa izinhlelo eziqinisa imisebenzi yoMnyango yokuqhuba imigomo yokufukulwa kwabamnyama kwezomnotho iBlack Economic Empowerment (BEE) nokufukulwa kwezindawo zasemakhaya.

Kulesi sifundazwe saKwaZulu-Natal, uVukuzakhe usubalwa nezinye izinhlelo ezisemqoka kakhulu kangangoba sekuvuleleke amathuba angango – 71% okugixabezwa ngamathenda okwakiwa kwemigwaqo ngaphansi kohlelo lwe-ARRUP. Somlomo, yize kunjalo, kodwa kunengqinamba ezibhekene noMnyango ohlelweni lomphakathi okungu:-

- Umthetho obalula ukuthi osonkontileka bethu bakaVukuzakhe kumele babhalise ngaphansi kwe-CIDB;
- Isidingo sokuqeqeshwa kosonkontileka bakaVukuzakhe ukuze bahlangabezane nezidingo ze-CIDB.

Ngiyathokoza malungu ahloniphekile ukuba ngimemezele ukuthi iKhabhinethi yaKwaZulu-Nataliwamukele umgomo wokuthuthukiswa kosonkontileka abasafufusa esithi i-Provincial Emerging Contractor Development.

Ukusebenza kwalo mgomo kuzosabalaliswa nakweminye iminyango ukuze kusizakale osonkontileka abasafufusa ukuba bathole amathuba emisebenzi kuyo yonke iminyango.

## **ISIPHETHO**

Indlela obonakala uyiyo uMnyango nakuba kunalezi zinselelo obhekene nazo kuyakhombisa Somlomo neNdlu eHloniphekile ukuthi likhona ngempela ithemba

kwababuthaka. Ukubambisana okukhona phakathi kwezigaba zikahulumeni kusuka kuzwelonke, isifundazwe kuya komasipala kufakazela kona ukuthi ikhona inhlati yethemba kwababuthaka!

Ekhuluma kwinkulumo mpikiswano ngemuva kwenkulumo kaMongameli wezwe, uNgqongqoshe uJeff Radebe wathi iNingizimu Afrika isendleleni evusa kabusha amagama kaPatrice Lumumba okuthi “Umlando ngelinye ilanga uyozechaza, ngeke kube ngumlando ofundiswa kwi-United Nations, eWashington, eParis noma eBrussels, kodwa kuyoba ngumlando ofundiswa emazweni asezikhululile ekugqilazweni ngamakoloni. I-Afrika iyozibhalela umlando wayo, kusuka enyakatho kuya eningizimu yeSahara kuyokuba nokudumisa kubuye nesithunzi”.

Ngiyakholwa ukuthi iKwaZulu-Natal isiqalile ukuzibhalela umlando wayo futhi kuzokuba umlando ogcwele ukudumisa ozobuyisa isithunzi. Lokhu kwenzeka njengoba siqhubeka nokuvikela ababuthaka ngokuletha ingqalasizinda yezokuthutha njengamabhuloho, imigwaqo engenela ezakhiweni zemiphakathi, imigwaqo ephephile nezithuthi zomphakathi ezisebenza ngendlela efanele.

Sengiphetha, ngithanda ukusebenzisa leli thuba ngibonge iNhloko yoMnyango wami, uDkt Kwazi Mbanjwa, ithimba lakhe apethe nalo, ithimba labezokuxhumana ikakhulukazi nabasebenzi bonke boMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ngokusebenza kwabo kanzima nangokuzimisela.

Ngithanda futhi ukubonga amalungu eKomiti lezokuThutha ePhalamende ngamagalelo abawenzile kule nkulumo yesabelomali nokubambisana abanako noMnyango wami. Ngibonga kakhulu futhi kulabo ababambe iqhaza eMnyangweni wezokuThutha abahlale begqugquzela umsebenzi wethu futhi benze sisebenze ngokukhuthala. Ukubonga kwami futhi kuya ethimbeni elisebenza ehhovisi likaNgqongqoshe engihlale ngisebenza nalo nsuku zonke. Umsebenzi wami ikakhulukazi umsebenzi wanamhlanje ube lula ngenxa yenu.

Ngivumele Somlomo ukuba ngethule ngokusemthethweni iSabelomali soMnyango wezokuThutha sika-R2,416 billion ngonyaka wezimali ka-2006/2007, ukuba semukelwe.

## ***Ngiyabonga***



*Inkulumo Yesabelomali Sika  
2006 – 2007*

# UMNYANGO WEZOKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI

INKULUMO YESABELOMALI SIKA 2005/2006, VOTE 9

MHLAKA 24 APRIL 2006

YETHULWA ESISHAYAMTHETHO SAKWAZULU-NATAL

NGUMHLONISHWA UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA,  
UKUPHEPHA

NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI

**UMnuz B.H. Cele**

SOMLOMO

AMALUNGU AHLONIPHEKILE ESISHAYAMTHETHO  
SESIFUNDAZWE

AMALUNGU EKOMITI LEZOKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI

IZICUKUTHWANE EZAHLUKENE

ABEMITHOMBO YEZINDABA

IZAKHAMIZI ZAKITHI

NGINIBINGELELA NONKE



*Inkulumo Yesabelomali Sika  
2006 – 2007*

# Isingeniso

*“Uma umuntu ethanda ukwazi ukuthi ngabe ezobulungiswa ziphethwe kanjani ezweni, akabheki amaphoyisa, abameli, amajaji noma labo abasethubethi lokuwikeleka ngenxa yezinga abakulo. Kodwa umuntu ubheka labo abangavikelekile, abadinga kakhulu ukwikelwa umthetho?”*

kwasho uJames Baldwin.

**N**jengoba siqhubeka singena eshumini lesibili leminyaka yentando yeningi siya ngokuya siwuqinisekisa kakhulu umgomo wethu “wokuvikela ababuthaka”. Emshikashikeni wethu wokuqinisekisa amalungelo alinganayo kwezobulungiswa, umuntu uyasibona isithombe sokuthi umbuso usesikhathini esinika ithemba yize usabhekene nokulungisa umonakalo owadalwa ubandlululo.

Ukuguqukela kwethu embusweni wentando yeningi kwenzeka ngendlela esheshayo uma kuqhathaniswa nezinguquko ezinhlakeni zethu; singene ezinhlakeni ezisabenzisa izindlela zikahulumeni wakudala. Ngenxa yalokhu, uma umuntu ebheka izwe lethu, uMthethosisekelo wethu nemigomo yakhona, kubonakala kuyizwe elinentando yeningi kube ngakolunye uhlangothi kuqhamuka isithombe eshlukile kwezenhlalo-mnotho.

Kulesi sithombe kubonakala ubugebengu bunobuso, ezobulungiswa zinamehlo, lapho kunengxenywe yomphakathi wethu engavikelekile, lapho ubugebengu buyamaniswa nebala elimnyama nobu-Afrika ikakhulukazi, lapho ubulungiswa bukhetha iphela emasini. Lesi thombe sigqanyiswa ukuthi sazi ubunzima bangesikhathi esedlule futhi sihlale njalo sisikhumbuza indlela okusamele siyihambe ekuguquleni umphakathi wethu ngokunjalo namaphoyisa jikelele. Kungumbono wami Somlomo ukuthi ngelinye ilanga sizokuba neNingizimu Afrika noma iKwaZulu-Natal lapho singeke sisabona ukwenzelela okufana nokwangesikhathi esedlule kwezobulungiswa okwenziwa yilabo abasemandleni bedlala ngabantu bakithi. Kungumbono wami ukuthi siphile eNingizimu Afrika lapho singeke sisabona ukudlwengulwa nokubulawa kwabantu abangakwazi ukuzivikela emphakathini, lapho kungeke kudingeke size sibiyele imizi yethu ngothango olude ukuze mhlambe sizizwe siphephile. Esikhathini esingekude sizobe sesiphephile hhayi nje ngoba kuveza izibalo kodwa ngoba sesizizwa siphephile.



Phezu kokuba sesishaye imithetho ekhomba inqubekelaphambili, leli lizwe, njengamanye amazwe emhlabeni, nalo lisaqhubeka nokubhekana nezinseselelo zokwenyuka kwezinga lamaqembu enza ubugebengu obuhleliwe. Lobu gebengu obuhleliwe busaqhubeka nokwenzela phansi ubulungiswa, kodwa nathi sizoqhubeka nokulwa nabo sibuyise isimo esinokuphepha esizukulwaneni esizayo. Ngempela ngempela likhona ithemba “kwababuthaka” Somlomo!

### *Ukuphepha Makungabi Nje Iphupho Kodwa Makubonakale!*

**“From Data to Action”** – Lena bekuyingqikithi yengqungquthela esanda kubakhona ebiyaziwa nge-8<sup>th</sup> World Conference on Injury Prevention and Safety Promotion. Nsuku zonke e-Europe, bangaphezulu kuka-2000 abantu abafayo ngenxa yokulimala, kanti abangu-600 000 bayelashwa nsuku zonke ezikhungweni zosizo oluphuthumayo. Lokhu kugadla kabi esintwini nasezimalini kulesiya sifunda. Isimo sezehlakalo zokulimala nezodlame emhlabeni wonke nje sona siyethusa kakhulu. Ngivumele Somlomo ukuba kengivezele indlu lamaphuzu ambalwa asanda kudalulwa i-World Health Organisation (WHO).

- Njalo ngemizuzu engu-40 umuntu oyedwa uyazibulala ndawana thize emhlabeni;
- Bangaphezulu kuka-540 abantu abasha abafayo nsuku zonke ngenxa yodlame phakathi komunye nomunye. Okuhambisana nalezi zibalo, abangaphezulu kuka-20 kulaba abafayo bafa njalo ngehora;
- Owesifazane oyedwa kwabane uthola ukuhlukunyezwa ngokocansi yisithandwa sakhe impilo yakhe yonke;
- Bangaphezulu kuka -800 000 abantu abafayo nsuku zonke ngenxa yezingxabano: abangaphezulu kuka-30 kulaba bafa njalo ngehora;
- Umuntu omdala oyedwa kwabangu-20 uthola ukuhlukunyezwa ngandlela thile ekhaya.

INingizimu Afrika ayishodi nakancane ngolwazi mayelana nobugebengu nokunqandwa kobubengu, kodwa senzani ngalolulwazi esinalo? Kungani singathathi lolu lwazi esinalo silusebenzise ukuletha ukuthula, ukuphepha nokuvikela. Ipendulo ilele ekutheni sisebenze ngokubambisana futhi silalele kahle ukuthi bathini labo ababuthaka emiphakathini okuyibona abadinga kakhulu ukuvikelwa umthetho. Sekujwayelekile nje ukuthi kube yithina kuhulumeni esifuna ukulalelwa kulolu daba, kodwa thina siyawulalela nje umphakathi? Siyaxhumana nje nabantu? Kuba ukulalela nje noma siyezwa ukuthi abantu bathini lapha ngaphandle? Sihlale sithintana nje nemiphakathi ngezidingo zawo kwezokuphepha? Lena imibuzo eholele ekutheni uMnyango uhlanganise kahle uhlaka lwamasu, uhlaka lokusebenza nesabelomali sika-2006/07.

## UKUKHULISWA NOKUTHUTHUKISWA KWESAKHIWO

Njengoba sesakhe kabusha isakhiwo somnyango ukuze ufeze umsebenzi onikwe wona ngonyaka wezimali odlule, kube nezinguquko ezingqala kubasebenzi. Ezakhiweni zesimanje, ukuhlelwa kwabasebenzi kuhambisana nokuhlelwa kwaleso sakhiwo. Sisukile endleleni endala yokuphatha sathatha entsha lapho kusetshenzwa njengethimba elinemisebenzi ehlukeno okumele umuntu nomuntu akwazi ukuchaza mayelana nakwenzayo. Lokhu kwenza abantu bakwazi ukuthatha izinqumo ndawonye, bathole imiphumela ndawonye, bathole nolwazi, amakhono nendlela yokuziphatha ndawonye kulo msebenzi onezinqumo ezingaka. Lokhu kuxhumana kuqeda isimo sokwehlukana ngenxa yezikhundla. Kulesi sikhathi sezinguquko ezisheshayo emnothweni, okuhambisana nolwazi oluthuthukayo, nokusebenza kwamakhompyutha nokuncintisana, kumele kuqalwe uhlelo olusha lokuphatha ukuze kubhekwane nalolu shintsho futhi kulethwe izindlela ezintsha ukuze uhulumeni alethe izidingo ngendlela efanele.

UMnyango usumemezele umgomo wawo wokuqasha ongoti nokugcina labo abakhona ukuze babheke izindlela zokusebenza nabantu. Yikho lokhu osekunike abasebenzi bethu umdlandla nokusifaka egiyeni elidingekayo ekutheni senze isakhiwo sethu sikhule futhi sivuthwe. Njengamanje sesiyithimba elisebenza ngokuphelele elinemigomo yokusebenza eqinile nelizibophezele emgomweni wokusebenzela imiphakathi yakithi.


Zonke izikhala zemisebenzi ezikhundleni eziphezulu zokuphatha sezigcwalisiwe. Zonke izimenenja seziqokiwe, ngaphandle kwesikhala esisodwa, esizogcwaliswa maduze nje. Ukukhishwa kwezikhala zemisebenzi kuzovalwa ezinyangeni ezimbili ezizayo uma uMnyango usuqasha abasebenzi abazokwenza imisebenzi yasemahhovisi. Uma ubheka lokhu uzobona ukuthi lo Mnyango ubeke phambili uhlelo lokuqasha abantu abadingekayo ekuletheni izidingo ukuze kuqambe kufika unyaka wezimali omusha kube sekunesisekelo esiqinile.

Ukumeleleka kwabantu ngokwezinhlanga eMnyangweni kumi kanje:

- Ama-Afrika: 67.66%
- Abelungu: 13.23%
- AmaNdiya: 13.23%
- AmaKhaladi: 5.88%


Lo Mnyango usudlule ngisho izibalo ezibekwe ngokwemigomo yesifundazwe kubantu ababambe iqhaza emnothweni, uma kuqhathaniswa nemiphumela yokubalwa kwabantu ngo-2001.

**DEPARTMENT OF COMMUNITY SAFETY AND LIAISON  
REPRESENTIVITY STATISTICS AS AT 31 MARCH 2006**



Enkulumweni yami yesabelomali nyakenye ngabika ukuthi ngizogqugquzela ukumeleleka kobulili ngokulinganayo eMnyangweni, ikakhulukazi ukunika abesimame ithubalokungena ezikhundleni eziphezulu zokuphatha. Kuyangijabulisa ke ukubika manje ukuthi eMnyangweni wami u-61% wezikhala ugcwaliswe isimame kanti njengamanje u-55% wabesifazane usezikhundleni zokuphatha. Esigabeni sokuphatha esiphezulu, kuqashwe izimenenja ezingu-13 kwathi ezingu-7 zazo kwaba ngabesifazane, okwenza abesimame babe yiningi ezigabeni zokuphatha emnyangweni wami ngo-54%. Ukuzibophezela kwethu ekulinganeni ngokobulili akugqanyiswanga nje ngomlomo kodwa nangezenzo uqobo.

**DEPARTMENT OF COMMUNITY SAFETY AND LIAISON  
COMPARISON MALE/FEMALE AS AT 31 MARCH 2006**



ENKULUMWENI YAMI YESABELOMALI SIKAKA 2006-2007

## **UKUTHUTHUKISWA KWEZINHLELO ZOKULWA NOBUGEBUGU**

Kukhona umqondo osusabalele emhlabeni wokuthi uma kulethwa intuthuko, kuza nobugebugu. Ezweni elisathuthuka, ukuphepha ikona okubaluleke kakhulu ukuqinisekisa intuthuko esimeme nokufezwa kwemigomo kahulumeni, kanti lokhu kumele kwenzeke ngendlela ezohambisana nokulwa nobugebugu.

## **UKULAWULWA KWEZIBHAMU**

Kuphinde futhi kuvele ubufakazi bokuthi imbangela ehamba phambili yokufa kwabantu ngodlame eNingizimu Afrika kuba ukulinyazwa isibhamu – okuwu-46%. Ezigamekweni ezingu-6167 zokufa kwabantu ngesibhamu ezabikwa ngo-2004, u-86% wawuhambisana nodlame, u-13% wawuhambisana nokuzibulala kanti u-1% kwakuyingozi. Ababandakanyeka kulezi zehlakalo imvamisa babeneminyaka ephakathi kuka-25 no-29 ubudala. Naphezu kwalezi zibalo kodwa sisaqhubeka nokufihla izibhamu ezingekho emthethweni emakhaya ethu nasemiphakathini. Yithina futhi esikhala kakhulu ngokwenyuka kwezinga lobugebugu. Isibhamu ekhaya, ngikhuluma lapha ngisebenzisa ubufakazi bobuchwepheshe, sihambisana ncamashi nokufa kwabantu ngodlame endaweni eyingozi kakhulu – ikhaya. Njengoba singena emthethweni omusha wezibhamu i-Firearms Control Act, umyalezo wami kubantu baKwaZulu-Natal ngukubanjusa ukuthi babambisane nezinhlelo zokugcinwa komthetho balethe nezibhamu ezingekho emthethweni.

Nakuba umthetho omusha wezibhamu uhlangabezane nenkulumo mpikiswano evuthayo, kuyangijabulisa mina ukuthi kodwa lo mthetho uthola ukwesekwa okukhulu yiningi lezakhumusi zaleli lizwe eziwuthobelayo umthetho. Ukuqiniswa kwalo mthetho kuzosiza ukukhulula isifundazwe sethu ebugebugwini obudlondlobalayo kanti noMnyango wami uzokuba neqhaza elikhulu ukuqinisekisa ukuthi lolu hlelo lukahulumeni lusebenza ngempumelelo.

## **UKUBAMBISANA NEMIPHAKATHI KWEZOKUPHEPHA**

Ezokuphepha akuyona into ekhathaza bonke abantu nje, kodwa yinto engumthwalo wawo wonke umuntu. I-World Health Organisation (WHO) ihlale ishmayela ukuthi bonke abantu banamalungelo alinganayo kwezempilo nakwezokuphepha. Isiphonsele inselelo bonke osopolitiki nabayingxeneyokuthathwakwezinqumokuzo

zonke izigaba zikahulumeni ukuba baqinisekise ukuthi bonke abantu banamathuba alinganayo okuphila nokusebenza emiphakathini ephephile. Emasontweni ambalwa edlule, uMnyango wami ube nokhukhulela ngoqo wengqungquthela yokudingida ngobugebengu i-Local Crime Prevention. Ingqikithi yalapha ibithi “Making Local Government Champions of Community Safety”, okusho ukwenza ohulumeni basekhaya babe ompetha kwezokuphepha komphakathi. Imiphakathi eminingi emazweni asethuthukile nasathuthuka agqugquzela ukubandakanywa kwemiphakathi kwezokuphepha, isibe nempumelelo enkulu.

Ubudlelwane phakathi kwale miphakathi namaphoyisa bubonakala buthuthuka kakhulu. Ukuxoxisana kwabantu abahlala ndawonye abaziyo futhi abaqonda kahle ngezinselulo, amathuba, izinsiza ezikhona, isimo senhlalo-mnotho namasiko abo, kwenza kube lula ukuhlela nokwakha imiphakathi ephephile. Ngokocwaningo olwenziwe ngokuhambela eLondon, eDublin naseBelfast njengokuyalela kukaMhlonishwa uNdunankulu ngoSeptember 2005, sazibonela ngokwethu ukuthi imiphakathi ingacekelana kanjani phansi futhi ingasebenza kanjani ngokubambisana ekuletheni ukuthula nokuphepha.

I-Belfast yona isahlukene phakathi kusetshenziswa inkolo nepolitiki kanti izingane azifundi ngezinto ezizihlanganisayo kodwa zifunda ngezinto ezizehlukanisayo. Zihamba ezinhlangothini ezahlukene emgaqweni, zihlale zikhwifana nangamathe kusuka zisesesikoleni samabanga aphantsi. Abantu abadala bahlukanisa izizukulwane zakusasa. E-London nokho, amaphoyisa kamasipala abizwa nge-Municipal Police Services ahlanyela nomphakathi ekwenzeni imisebenzi kusetshenziswa ama-Community Liaison Officers umsebenzi wawo okungukuphucula ezokuphepha ngasohlangothini lokulwa nobugebengu emphakathini. Ngaphandle kokuthi lama Community Liaison Officers asebenza ukuvimba izigebengu, abuye abheke nokuthi izakhamuzi ziziphatha kanjani endaweni, agqugquzele ukugcinwa kwemithetho kamasipala, agqugquzele izingane ukuba zihloniphe umthetho, asize abazali abanezingane ezihluphayo, futhi basebenza njengezinhlozi zomphakathi ezisizana namaphoyisa.

Lokhu kwandisa imisebenzi kwenze nomsebenzi owenziwa yizinhloko zokugcinwa komthetho uhlonipheke. Njengamanje uMnyango wami usabheka umthelela ongabakhona kwezomthetho mayelana nokusungulwa kwalolu hlelo lapha. Isifundazwe saseWestern Cape njengamanje sisahlola uhlelo olwaziwa ngeBambanani Project nalo oluhamba ngendlela efanayo kanti belusabonakala luyimpumelelo. ENingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi, kuningi okufanele sikubonge. Asikho esimweni sokusatshiswa ngamavukela mbuso. Izibalo zocwaningo ziveza ukuthi izitaladi zethu zingeziphephile – izindawo lapho kunenxanxathela yezitolo ziphephile. Kusalokhu kungamakhaya ethu nje angenako ukuphepha.

Kuyiqiniso ukuthi ngeshwa sisabuka ubugebengu ngendlela yakudala. Sisakholwa ukuthi ubugebengu budalwa amaphoyisa. Sisathatha ngokuthi izinga eliphezulu lobugebengu lenziwa ukungasebenzi ngokuzimisela kwamaphoyisa. Somlomo, ngokubona kwami, ubugebengu bubangelwa yithina, busuka emakhaya bese inkinga ishiywa kwabanye ukuba basale beqoqa.

Ngithanda ukwesekela lo mbono wami ngocwaningo oluthile. I-Medical Research Council of UNISA iveza ukuthi indawo eyingozi kakhulu kubantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi kwabesifazane, kusemakhaya ethu. Izigebengu ziqhamuka emakhaya ethu. Ziyisithombe sendlela esiqhuba ngayo engasahambi kakhle, okusadinga ukuba ibuyekezwe yakhiwe kabusha. Lokhu ngeke kwenzeke ngaphandle kokubambisana kwamaphoyisa nemindeni.

Uhulumeni kumele enze isimo esizovuna izinhlelo zokulwa nobugebengu noma ngabe sakha izindlu, imitholampilo, imigwaqo noma izikole. Akumele kube nezinhlelo zemisebenzi ezingabhekeleli ukuthi bungagwemeka kanjani ubugebengu. Ukuhlela isimo sendawo ikona okuwukhiye ekunqandeni ubugebengu.

Kukhona ithemba nokwesekwa okukhulu okutholwa uMnyango wethu ngokusebenzisana nomasipala KwaZulu-Natal. Omasipala abaningi sebekwamukele ukuthi kunesidingo sokugxila ekulweni nobugebengu kusetshenziswa izinhlelo zentuthuko edidiyele ama-IDP, kanti sizimisele ngokusiza imikhandlu yomasipala ukuba yakhe amasu ezinhlelo zokuphepha komphakathi. Uhlelo lokuthuthukiswa komnotho wendawo, phecelezi iLocal Economic Development, lusuke lungaphelele uma lungahambisani namasu ezokuphepha.

Ngalokho-ke ngiyaphinda – ukulethwa kwentuthuko kuza nobugebengu. Inselelo-ke incike ekuhleleni kahle nokubambisana, okuyikona okwenza kube lula ukunqanda ubugebengu bungakasabalali ngisho nokusabalala.

## **INQUBEKELA PHAMBILI NEZINGUQUKO ZE-SAPS**

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi usanda kuhlanguana noMasipala weTheku basingatha ingqungquthela ye-IACP Sub Sahara Conference on Policing eThekwini ngomhlaka 26-28 March 2006. Ingqikithi yale ngqungquthela beyithi “The Challenges of Policing in a Democracy” UMthethosisekelo wethu Somlomo owaziwa njengohamba phambili emhlabeni uveza isithombe sokuthi uhulumeni wethu usekeleke entandweni yabantu kanti nemigomo yethu iyakufakazela ukuthi ngempela sesiwumphakathi wentando yeningi.

Lokhu kusho ukuthi kusafanele sivuselele onembeza ekuphoyiseni futhi kuqinisa ukuzibophezela kwethu ekuletheni izinguquko ekuphoyiseni kuze kufike

lapho umsebenzi uba sezingeni eliphezulu njenmgoba izimo zobugebengu zilokhu zishintshashintsha. Lolu hlelo lwezinguquko phakathi kokunye, luzama ukuqinisekisa ukuthi labo ababuthaka kakhulu bathola ukuvikeleka nomthetho uthatha indawo yawo. Loku vuselelwa konembeza kuyasiphoqa ukuba sibheke ngale kwemigomo esiyibekayo nangale kwezibalo zocwaningo, kodwa sibhekane ngqo nalokho okushiwo ngabantu ngokwanda kwezigameko zobugebengu. Lokhu sizokwenza singakhohliwe ukuthi ubugebengu lobu buyinselelo ebhekene nezwe lonke nomhlaba wonke, okudinga sibambisane ukulwa nabo siyeke ukulokhu sibuthatha njengento yokwenza izibalo. I-SAPS KwaZulu-Natal isiyenze umsebenzi omkhulu kabi ekuhlakazeni izidleke zemigulukudu, ikakhulukazi izidleke zezidakamizwa kulezi zinyanga ezingu-18 ezedlule. Lokhu bekungeke kwaba yimpumelelo ukube bekungekho ukubambisana ngokwabelana ngolwazi nangezinsiza zokusebenza ezikhona. Le ndlela ikhombisa amandla obunye ekuphatheni nokuqhamuka namaqhinga kwi-SAPS.

Indaba enkulu kule nselelo esibhekene nayo ukudlulisa umyalezo oqinile kulabo abahudulela phansi igama lamaphoyisa ngokusebenzisa izikhundla zabo budedengu. Okusempeleni, uMnyango wezokuPhepha nokuVikela kuzwelonke umatasa nemisebenzi yokuphuthula izinkulungwane zamacala abekwe amaphoyisa.

Isibalo seziteshi zamaphoyisa sikhule sasuka ku-183 saya ku-186 esifundazweni. Ukuhlelwa kabusha kweziyingi, okuhambisana nemingcele yomasipala, nako kuzoshitsha indlela okuhlelwe ngayo iziyingi kusuka kwezingu-7 kuya kwezingu-22, okuzokwenza ngcono indlela yokuphatha amaphoyisa emazingeni aphantsi. Njengoba iKwaZulu-Nataliyindawo eheha izivakashi kangaka, kumelesi wukhuphule kakhulu umfutho wokulwa nobugebengu ikakhulukazi ezindaweni ezihanjelwa izivakashi. Ukusebenzisana kwethu noMnyango wezobu-Ciko nezokuVakasha sekube nezithelo ezinhle kulolu daba.

## **UKUQINISWA KWEZINHLELO ZOKUPHATHA**

Unyaka wezimali ka-2006/07 ufana nokuzalwa kabusha koMnyango, ngendlela yokuthi ukwenyuswa kwemali eyabelwe uMnyango nokwenyuswa kwesibalo sabasebezi kule minyaka edlule kuzokwenza ukuthi uqale ukusebenza ngendlela ecacile esifundazweni sonke. UMnyango ukholwa ngokuthi umsebenzi wokuphatha uzokuba ngcono kakhulu njengoba sekuhlelwe kabusha nenhloko-hhovisi yalethwa eMgungundlovu futhi kukhona nezindlela zokusebenza ezihambisana nobuchwepheshe obuhlanganiswe kahle.

Uhlelo lokuphatha iMonitoring & Evaluation yilona oluyisisekelo sokusebenza kwehhovisi nomgogodla womsebenzi woMnyango wonkana. Inhlosongqangi

yoMnyango ngokubheka ukusebenza kwesiphoyisa, ukubheka ukugcinwa kwemigomo ebekwe kuzwelonke nokwenza izincomo zokulungisa lapho kudingeka khona. Ukudingeka koMnyango kulawulwa izidingo zomphakathi, ukushintsha kwezinga lobugebengu, nezinga lamacala avulwayo. Ngokuhambisana nesabelomali esithe xaxa, uhlelo lwamasu esikhathini seminyaka ephakathi kuka-2005-10 lumi kanje:

- Ukusabalalisa uhlelo lokusebenzisa ongoti be-SAPS kugcizelelwe ekubhekeni udlame lwemindeni, ukuvikelwa kwezingane nokunukubeza ngocansi;
- Ukuqaliswa kohlelo lokubheka amaphoyisa omasipala, ukusebenza kwehhovisi lesifundazwe le-SAPS, nokugxila ekungasebenzini kahle nasekuxhaphazeni izinto zokusebenza ze-SAPS (njenge-Crime Administration System);
- Ukuqaliswa kohlelo oluzobhekela ukuthi kube nemikhankaso ebonakalayo yokunkanisa kwamaphoyisa;
- Imizamo yokuthi kusetshenziswe izindlela zobuchwepheshe (njengokwenza ucwaningo lokuthola imibono yomphakathi) ukuze kutholakale izindawo ezinenkinga edinga ukungenelelwa okuthile;
- Ukusebenzisana nezinye izinhlaka ezingaphansi kukahulumeni njenge-Independent Complaints Directorate (IDC) ukuqinisekisa ukuthi imisebenzi enokuxhumana yenziwa ndawonye ukuze kungabi nokuphindaphinda izinto ezifanayo, kusizwane nangamakhono adingekayo.

Njengoba uMnyango uthola ukwesekwa okuthe xaxa, usuzokuba nama-Service Monitor ayisikhombisa, okuzokuthi iMonitor ngayinye isetshenziswe kuleyo ndawo engaphansi kwesiyingi. Ngokusebenzisa iNational Station Evaluation Tool, uMnyango uzoqinisa uhlelo lwawo lokubheka izinto ezidinga ukubekwa phambili. Lezi zinto zihlanganisa lezi:

- Ukuthola iziteshi ezingenazo kahle izinsiza zokusebenza, kubhekwa ubungako besiteshi uma kuqhathaniswa nomphakathi esiwusebenzayo;
- Ukubheka ukuthi kuyafinyeleleka yini esiteshini, ikakhulukazi iziteshi zasemakhaya, zivame ukusebenzela abantu abasezindaweni ezigqagqene;
- Ukubheka ukuthi iyalandelwa yini i-SAPS Service Charter ukuze kugqugquzeleke isiko lokusebenzela ukuletha izidingo, njengoba kucaciswa nasemigomweni yeBatho Pele;



- Ukubheka ukusebenza kweziteshi ngokugculisayo, kugxilwe ekutheni amaphoyisa asabele ngesikhathi uma ebizwa, ukuphawula kwalabo abamangalayo, ukuphutha emsebenzini, imininingwane ngokuziphatha, nokusabalaliswa kwezinsiza;
- Ukubheka izinga lokwenza uphenyo nomsebenzi wabaseshi, kwenziwa ngokubheka izinto ezingase ziphazamise ukuqhubeka kwamacala ngendlela efanele;
- Ukubheka izinga lolwazi emaphoyiseni, ikakhulukazi mayelana nokuqonda nokwenza njengoba kulawula imigomo kazwelonke, ukuze kubonakale uma kudingeka ukuqeqeshwa noma amakhono engeziwe;
- Ukubheka ukuthi ziqhubeka ngokuyikho yini izinguquko, kwenziwa ngokubheka ukuthi kulandelwa ukuhleleka ngokwezibalo zikazwelonke nokugcina umgomo wokulingana ngokobulili;
- Ukubheka ukuthi iziteshi ziba nobuntu yini kubamangali, kugwenywa ukuba abantu bangahlukunyezwa isibili, ikakhulukazi emacaleni okuhlukumezeka emndenini noma ngokocansi. Ngokujwayelekile, ukuhlukumezeka isibili kudalwa indlela amaphoyisa athatha ngayo abamangali okuyinto esadinga ukulungiswa ngokunikeza uqeqesho olunzulu kube nabantu abakulungele ukusiza abahlukumezekile;
- Okuhambisana naleli phuzu, ukubheka ukuzimisela kwesiteshi ngasinye sisebenzise amalungelo okuvikela leyo ngxenye yomphakathi ebuthaka, njengoba kulandisa i-Domestic Violence Act, i-Child Care Act, i-Family Violence Act, i-Victims Charter, neminye.

Njengamanje, uMnyango unethemba lokuthi uzokwenza ngcono amasu okusebenza kwe-SAPS esifundazweni ukuze kuxazululeke izinkinga ezikhubaza ukusebenza kwamaphoyisa ngendlela. Ukungabandakanyeki kahle koMnyango ezinhlelweni zokuthathwa kwezinqumo kwi-SAPS bekwenza ungakwazi ukugxilisa kahle intando yeningi nokusebenza ngokuvulelekile emaphoyiseni. Izidingo zokuphoyisa esifundazweni kumele kube yizona ezikhomba indlela ezosebenza ngayo i-SAPS. Ngalesi zathu, uMnyango uhlela ukuhlangana ne-SAPS ukubheka amasu abo okusebenza, okuzokwenzeka ngezingxoxo ezizohlale zenziwa ezingeni labaphathi esifundazweni nhlangothi zombili. Kunamathemba okuthi ukuhlangana njalo ne-SAPS kuzoholela ekwakhiweni kwe-Police Improvement Plan (PIP) ezingeni lesiteshi lapho kuzovunyelwana ngesikhathi esizobekelwa ukwenza izinto ezithile uMnyango ozokwazi ukuzibeka emahlombe e-SAPS ukuba zenziwe. Uhlelo loMnyango lokubhekela ukusebenza kahle ludinga ubuchwepheshe obuphambili bokugcina imininingwane. Uhlelo lokugcina imininingwane luzosiza uMnyango

ukuba ugcine lonke ulwazi futhi ukwazi ukubheka ngeso lokhozi ukuphoyisa esifundazweni emazingeni aphantsi naphezulu.

## IHOVISI ELIBHEKENE NEZIKHALO

Ngo-2005 uMnyango uqalise ngohlelo lokuqinisa lo mkhakha wasuka ekubeni ingosi nje yezikhalo waya ekubeni ngaphansi kwehhovisi likaMqondisi. Lapha sekuqashwe iMenenja kanye nababhekene nezikhalo esithi ama-Complaints Monitor, okuyibona ababhekene nezikhalo ezifakwa zibhekiswe emaphoyiseni. Umlando wokufakwa kwalezi zikhalo uveza ukuthi u-70% wezikhalo umayelana nokungenziwa kahle kophenyo ophikweni lwabaseshi be-SAPS kanti u-30% uphathelene nokwehluleka kwamaphoyisa ukusabela ngesikhathi esifanele uma ebizwa. Ikona lokhu okuphoqa uMnyango ukuba ufune izixazululo zobuchwepheshe i-Information Technology, ukuze kuqoqwe ulwazi oluningi. Kuzosungulwa uhlelo olwaziwa ngokuthi i-Complaints Management System (CMC) oluzokwenza kube lula ukusebenza izikhalo. Ezinye izimangalo ezingena ngaphansi kwezinye izinhloko njenge-ICD, u-Public Protector, i-Human Rights Commission, i-Law Society, i-Prosecuting Authority ne-Judicial Authority, zizoyiswa ezinhlokeni ezifanele.

### *Ezinye zezinselelo ezibhekene ne-SAPS*

- Abaphenyi banomthwalo wamadokodo ongaphezulu kwabo, okuze kokunye kube nomthelela ezingeni lophenyo eliphansi;
- Izindawo zezigameko zobugebengu azivikelwa ngesikhathi nokwenza kuze kulahleke nobufakazi obubalulekile. Ukuqoqwa kwezinto ezinganika umkhondo akwenziwa ngokugculisayo;
- Abasolwa bayadedelwa enkantolo ngoba ubufakazi bucekeleke phansi endaweni yesigameko noma mhlambe bungaphathwanga ngokucophelela;
- Izinga lokugwetshwa kwabantu liyehla ngoba amacala ayiswa enkantolo ngaphandle kobufakazi obenele bese umshushisi eyawachitha lawo macala;
- Abaphenyi ababe besabazisa abamangali ukuthi kwenzekani ngamacala abawaphenyayo;
- Amaphoyisa awasabeli ngesikhathi esifanele uma ebizwa ngokuphuthuma emphakathini;
- Amaphoyisa ahlale ekhala ngokuthi awanazo izimoto eziteshini zokuya lapho ebizwa khona emphakathini, kokunye bathi banemoto eyodwa

nayo esayobheka kwenye indawo ebizwe khona. Kukaningi lokhu kungabi iqiniso, lapho uthola ukuthi izimoto zisetshenziswa amaphoyisa ukwenza imisebenzi yawo engahlangene nomsebenzi wokuphoyisa.

### ***Nazi izinselelo ngasohlangothini lomphakathi***

- Ummangali uba nehaba ngamathemba awabeka emaphoyiseni ngemuva kokuvula icala. Uvele alindele ukuthi iphoyisa lizobopha umuntu noma ngabe abukho ubufakazi obugunyaza iphoyisa ukwenza lokho;
- Abamangali bavame ukungabi nalwazi ngemigudu okumele ilandelwe kwezobulungiswa elawula ukubopha, ukushushisa nokugweba umsolwa;
- Abamangali nabasolwa abawaqondi kahle amalungelo okucela ebheyili. Uthola ukuthi ukudedelwa komsolwa ngebheyili sekudala ukungqubuzana phakathi kwamaphoyisa nomphakathi;
- Abamangali abaqondi ukuthi kungani amanye amacala ehoxiswa, abanalo ulwazi lokuthi kusho ukuthini ukuthi icala liyahoxiswa ngoba abukho ubufakazi obenele obungenza kuqhubeke ukushushisa.

Ukubhekana nalezi zinselelo, uMnyango uzoqalisa ngezihlelo zokufundisa eziqondene namaphoyisa nomphakathi kugqugquzelwe ukuthi kube nokuqonda ngomthetho nokuhlonipha amalungelo kwezobulungiswa.

Umthetho omusha, osazokhishwa, uzosabalaliswa emiphakathini ngohlelo lwezokuxhumana nomphakathi ukuze uwazi kahle.

## **UKULWA NOBUGEBENGU EMPHAKATHINI**

Somlomo, ukuzibophezela kwethu ngomgomo weFreedom Charter wokuba neNingizimu Afrika elinganayo kusalokhu kumi njalo. Siphila ngawo lo mgomo Somlomo njengoba ukusebenza kwethu kusekeleke emigomweni yamalungelo alinganayo nesithunzi sobuntu. Njengohulumeni obusa ngokulandela usomqulu wabantu iFreedom Charter, uMthethosisekelo wethu osekeleke kuyona, asikwazi ukushaya indiva iqhaza lezakhamizi zethu ekwenzeni leli lizwe nalesi sifundazwe ukuthi sibe ngesiphephile kubantu bonke, ikakhulukazi labo ababuthaka.

Ngalokho-ke, u-2006/7 uzokuba unyaka wokubandakanya izakhamizi ngokugcwele kwezokuPhepha koMphakathi. Ukubandakanya umphakathi kuzosiza uMnyango ukuba ungene ujule kweminye imibuzo evame ukubuzwa ngabantu lapha phansi ukuthi kungani izimpahla zokwebiwa zithola imakethe kangaka, kungani

abantu abaningi becabanga ukuthi ukulwa nobugebengu kuqala futhi kugcine ngamaphoyisa, futhi kungani izingane nabesifazane abaningi besadlwengulwa neminye eminingi. Lokhu kucacisa ngokusobala isidingo sokusebenza ndawonye kwezinhlelo ezahlukene, ukunakekelwa kwengxenywe yomphakathi ebuthaka, nokubaluleka kwe-Community Safety Network. Ukusebenzisana nohulumeni basekhaya ngokubandakanya uhlelo lwezokuphepha kuma-IDP nako kungaba ngumqondo omuhle.

## **UKWAKHIWA KWESU LOKULWA NEZIDAKAMIZWA**

Ukusimama komnotho wethu nentando yeningi kusezandleni zentsha yakithi Somlomo, kodwa-ke ukusetshenziswa kwezidakamizwa entsheni sekufike ezingeni lokuba ubhubhane uqobo. Uma kuyekelwa kuqhubeka, kuzobe ukubukela phansi konke okuyisisekelo esakhiwa okhokho bethu, okuyikona osekusibeke lapho sikhona namhlanje. I-SANCA (eThekwini), isibonelo, ibika ukuthi umuntu oyedwa kwabathathu olashelwa ukudla izidakamizwa esikhungweni sabo kuba yintsha. Ukwakhiwa kwe-Intergrated Strategy on Teenage Drug Abuse esekelwa izinhlelo eziningi ezibambisene kuzokuba yinto ephambili ukuze kuqinisekise ukuthi izinto ezithinta ukucwila kwentsha kwizidakamizwa kubhekwana nazo ngendlela efanele.

## **UKUTHUTHUKISWA KWENTSHA EZINGENI LEZIFUNDA**

Intsha ingabaholi bakusasa ngakhoke ineqhaza elibaluleke kabi okumele ilibambe ekulweni nobugebengu. Kulo nyaka wezimali ozayo ngizothanda ukubona intsha ibamba iqhaza ezintweni ezithinta yona. Ngalokho-ke sidinga ukuthola izindlela zokubandakanya netsha lapho kwenziwa izinhlelo. Lokhu sekuveza isidingo sokuba kubekhona abagqogquzeli bentsha ezifundeni nakomasipala esithi ama-District and Municipal Coordinators, abazoqeqeshwa ngezokulwa nobugebengu, ukuze bakwazi ukuzakhela izinhlelo zokuphepha ezindaweni zabo. Futhi bazohlangukiswa neKwaZulu-Natal Intergrated Youth Crime Prevention Committee (KIYCPC). Ekusebenzisaneni noMnyango wezeMfundo, uMnyango wami uzosiza ekwakhweni kwezinhlelo ezibhekene nezikole ezingenako ukuphepha esifundazweni. Zonke izinhlelo zizogxila ekucijeni izikole ngezokuphepha: ngohlaka olwaziwa nge-Discipline, Safety and Security Committee. Lesi isinyathelo esinqala esibheke entsheni esezikoleni nasekuphuculeni ezokuphepha ezikoleni.

Ukugqogquzela ukubandakanyeka kwezinhlangano zezenkolo kwezokuphepha komphakathi njengoba ubugebengu sebufana nobhubhane, okudinga zonke

izakhamizi zibambisane, uMnyango usuqalise ngokunxena abezenkolo ngokwehlukana ukuba beseke izinhlelo zokulwa nobugebengu.

## **UKULEKELELA AMAKHOSI UKUBA ABAMBE IQHAZA KWEZOKUPHEPHA KOMPHAKATHI**

Somlomo, sekufikile kuthina ukuthi kanti kukhona amanye amakhosi aqula amacala angangeni ngaphansi kwawo ngokohlobo lwawo. Egameni lokuvikela ababuthaka, sesiqalise ngomkhankaso wokulekelela amakhosi. Lokhu kuhlanganisa ukuqeqeshwa kwamakhosi angu-286 ukuze akwazi ukubamba iqhaza ekulweni nobugebengu. Sesixoxisene noMnyango wezobuholi bendabuko ukuze sibone ukuthi ngeke mhlambe sisebenze ngokuhlanganyela. Lokhu kuzohamba ibanga elide kabi ukuqinisekisa ukuphepha emiphakathini yasemakhaya.

## **UKUSUNGULWA KWEMIKHANDLU YOKUPHEPHA YEZIFUNDA**

UMnyango wami uzosiza omasipala bezifunda ukuba basungule imikhandlu yokuphepha yomphakathi, ezosebenza njengomxhumanisi we-Community Safety Network, lapho kuzohlangana uhulumeni nezakhamizi ukuze bathole izidingo zezokuphepha bese kulungiswa lapho kudingeka khona, ikakhulukazi ngokusebenzisa uhlelo lwamasu ezokuphepha. Okuzobaluleka emsebenzini woMnyango wami kuzokuba ukuhlale kucwaningwa ngezinto eziphambili ebugebengwini, ukwakhiwa kwamasu amasha, nokwenziwa kwezinhlelo zokulekelela ukuze kusizwe uhulumeni nezakhamizi emizamweni yobhekana nezidingo zokuphepha komphakathi.

## **UKUPHOYISA KOMPHAKATHI**

Ukuze kugququzeleke ukusebenza ngokubambisana nasemizamweni yokwenza isifundazwe sisebenzele ukuletha izidingo, uMnyango usezinhlelweni zokwakha imikhandlu eyaziwa ngama-Community Safety Forums (CSF) ezindaweni ezidinga kakhulu esifundazweni. Ingqungquthela esisanda kuba nayo yezokuPhepha koMphakathi yenze kwaba nokwesekwa okukhulu okuvela kwababambe iqhaza besekele ukuthi kwakhiwe le mikhandlu. Vele kwamanje, e-Eastern Cape, eGauteng naseWestern Capesebeluqalile loluhlelolwama-CSF. Lama CSF azoqinisekisa ukuthi

bonke ababambe iqhaza kwezobulungiswa, ukulwa nobugebengu nomkhakha wokuvikela bahlanganyela ndawonye ukubhekana nezinsalelo zokuphepha komphakathi. Izinhlaka zomphakathi zizothola ukwesekwa okuphelele uMnyango, okuzohlenganisa ukubagqugquzela ukuthi bagqugquzele ukulwa nobugebengu nokugcina ukuthula emiphakathini abasebenza kuyona.

## **IZITHANGAMI ZOKUXOXISANA KWEMIPHAKATHI**

Uhlelo lokuxoxisana kwemiphakathi, esithi phecelezi Communities in Dialogue, njengokuyalela kukaMhlonishwa uNdunankulu enkulumweni yakhe yesifundazwe, luzongena ngaphansi kwehhovisi lomqondisi elibhekene nokuphoyisa komphakathi, eselivele liqalile ukuxazulula izingxabano phakathi kwemiphakathi. Isidingo sesibe sikhulu kabi ngendlela yokuthi uMnyango usuke wangenelela izikhathi ezintathu ezindaweni ezahlukene. Iminyango yesifundazwe ehlangabezana nezinkinga zokuxabanakwemiphakathi okusuke kulethwe kuyona izidingo, izothola ukusizakala kulo Mnyango wami. Lolu uhlelo oludinga ukusebenza kwabantu noludinga imali, okusho ukuthi luzogadla ngempela ezimalini zoMnyango. Nokho-ke, uMnyango uzokwenza ubuchule obufanele obuzokwenza luphumelele lolu hlelo.

## **UKULEKELELWA KWABAHLUKUNYEZIWE**

Somlomo, ukuzibophezela kwethu ukuthi sivikela ababuthaka kuhlale kusenza siqinisekise ukuthi ukulingana uma kwenziwa ubulungiswa kuhamba phambili, nokuthi izinga lempilo yabantu lenziwa ngcono. Lokhu kuzibophezela kugcizelelwe ukuthi kuvulwe leli hhovisi lomqondisi, inhloso yalo okungukuqinisekisa ukuthi bonke abayizisulu noma ezaluphi uhlobo lobugebengu bathola ukuvikeleka nokwesekeleka. Lokhu kuzibophezela kuphinde kwathola ukuqinisekiswa ngenkathi iKhabhinethi kazwelonke yamukela i-Victims Charter ngoNovember 2004. Njengengxenywe yokweseka ukusetshenziswa nokuqwashisa ngale-Victims Charter, sesishicilele amakhophi angu-183 ngesiZulu nangesiNgisi sawasabalalisa eziteshini zamaphoyisa. Siphinde sakhapha amaZ-card ngesiZulu nesiNgisi okumanje asabalaliswa emiphakathini. Nakuba inqola yezinguquko isahamba ngonyawo lonwabu, isiyalokoza inhlati yethemba lokuthi langa limbe sizobona ukwenziwa kobulungiswa kubantu bonke.

Ngokulandela iNational Crime Prevention Strategy, ukudlwengula, udlame lwasekhaya nobugebengu obubhekiswe kwabesifazane nezingane, konke kudinga ukubhekelwa ngendlela ekhethekile ngenxa yomonakalo okugcina sekuwenzile emiphakathini wonkana.

Isifundazwe sethu sesibika ukuthi benyukile lobugebengu kulo nyaka wezimali odlule. Ngenxa yalesi simo, sekusungulwe izikhungo ezaziwa ngamaVictim Support Centre ezweni lonke, ezinye zisebenza eziteshini zamaphoyisa ezinye ziphethwe izinhlangano ezizimele. Sekwaxhiwe nohlelo olwaziwa nge-Assessment Tool olubheka ukusebenza kwalezi zikhungo eziteshini ezingu-120 kanti kusazoqhubeka ukubhekwa kwazo ngenhloso yokuthola okuyizidingongqangi zazo. Somlomo, kuyangijabulisa ukumemezela ukuthi osomabhizinisi sebethembise ukusebenzisana nathi ngokuxhasa lezi zikhungo.

## **IZINHLELO ZOKUFUNDA**

Somlomo, ngenkathikubonakala izinto eziningi esezenzekile ezweni, kusenezinselelo ezidinga ukuhlanganyela kwabo bonke abathintekayo ukuze luqedwe nya udlame emakhaya. Ngiyajabula futhi ukumemezela ukuthi emkhankasweni wethu wokulwa nodlame lwasekhaya nokunye ukuhlukumeza emindenini, uMnyango wami usebenzisa amandla abemithombo yezindaba ngemisakazo namaphepha. Sihlanganise umdlalo womoya njengemizamo yokuqeda udlame lwemindenini ngesikhathi sezinsuku ezingu-16 zokulwa nokuhlunyenzwa kwabesimame nezingane. Esimatasa ngako manje ukuqopha iVideotape/DVD, ezosetshenziswa ukuqwashisa wonke amalungu omphakathi ngenkinga ekhona yokuhlukumezana emphakathini. Sekuke kwahlanganiswa ushicilelo oluqwashisa ngodlame lwasekhaya lwasabalaliswa isifundazwe sonke. Okunye esimatasa ngako izinhlelo zokufundisana ezikoleni ngokubambisana nabanye ababambe iqhaza ukwesekela imikhankaso yokuvikelwa kwezingane – i-Child Protection Week, i-International Children's day neNational Children's Day.

Somlomo, Baba, kuyangijabulisa ukumemezela kulendlu ukuthi nginenhloso yokusungula izinhlelo zokusebenzisana namaNyuvesi nalabo abangasebenzi abaphothule izifundo zePsychology ukuze basize ngokuba ngabeluleki ezikhungweni zethu ezaziwa ngama-Trauma Centre, okuzokwenza nabo bathole ithuba lokusebenzisa ulwazi lwabo. Ngokusebenzisa uhlelo lwe-PGDS ukuzinzisa ukuthula nokuphepha, uMnyango usebenzisana noMnyango wezeNhlalakahle ekulungiseni udaba lwezingane ezingenamakhaya, kusizwa izikhungo ezibabhekayo ukuba kutholakale izitifiketi zokuzalwa nokuba zithole imali yezibonelelo.

## **UBULILI**

Somlomo, nyakenye ngabika ukuthi kuzokuba nosizo lokuqeqeshwa kuzo zonke izifunda kulesi fundazwe ukuze kuqeqeshwe abagququzeli bezobulili, ama-

Gender Coordinator, ukuze bakwazi ukusabalalisa i-Women Safety Audit kubo bonke omasipala. Njengamanje, nginokujabula ngokubika ukuthi sesenze uhlaka olulandelwayo ekuqeqesheni kanti kuze kube manje sesiqeqeshe omasipala abane okuzokuthi uma sesiqeqeshe nalaba abanye abagqugquzeli sibe sesibalekelela ukuba basebenze komasipala bamadolobha.

## I-HIV/AIDS

UMnyango wezokuPhephanokuXhumanisa uMphakathi uzibophezele ezinhlelweni zokusiza abasebenzi bawo odabeni lweHIV/AIDS. Lolu hlelo luhambisana nemigomo nezinhlelo ezibanzi zoMnyango wezeMpilo. Kuyabonakala ukuthi kudingeka imali ezobekelwa lolu hlelo ukuze kuliwe nobhubhane. Umnyango wezamaphoyiso ubeke inani elingu R500 000 ukuhwe nalobhubhane. Lemali ayanele uma sibheko isimo esmanzozo esibhekene naso.

## UKULUNGISA INKINGA YEGERE KWEZOMNOTHO

Ngokusebenzisana nabakhiqizi bezinto ezahlukene, uMnyango ufaka isandla ekufezeneni kombono kahulumeni wesifundazwe wokusekela nokugqugquzela ukuthuthukiswa kwabamnyama kwezomnotho, iBlack Economic Empowerment, okuhlose ukusiza abantu ababencishwe amathuba phambilini nosomabhizinisi abasafufusa, ikakhulukazi amabhizinisi asingethwe ngabesifazane. Kuzokwakhiwa uhlelo lokubhalisa kwezinkampani kusizwe labo somabhizinisi abalungele ukungena ngaphansi kwezinhlelo zikahulumeni wesifundazwe zokuguqula nokuthuthukisa ezomnotho. Sizokwenza igalelo ekuvaleni igebe phakathi kwesigaba sokuqala nesesibili somnotho ngokusebenzisa osomabhizinisi bendawo uma senza imicimbi yezimbizo neminye yokuhambela emiphakathini kulethwa izidingongqangi.

## IZINSELELO

Isabelomali soMnyango sona asisiningi kangako ekufezeni imisebenzi yesifundazwe ebekwe phambili okuwukugcina ukuthula, ukuphepha nokuvikela. Kusadingeka ithi ukwenyuka ukuze kwenziwe umsebenzi obonakalayo. UMnyango uhlale uthola izicelo ezinhlekani zemiphakathi ezifuna ukusiza ngokwenza imisebenzi kodwa ngenxa yokushoda kwezimali, awukwazi ukukhokhela imisebenzi yabo. Kumele ugxile ezinhlelweni zokulwa nobugebengu ngokunjalo nasekuthuthukisweni kwamakhono ukuze wakhe isizukulwane esithobela umthetho, esiphumelelayo



nesizokuba abantu abadala abangenako ukuntula. UMnyango uhlela ukusungula uhlelo lokusiza intsha oluzokwenziwa ngokubambisana nomasipala bamadolobha.

Ukukhula okulokhu kubonakala kobugebengu obubhekiswe kwabefazane nezingane nokungasizakali kwabahlukunyeziwe, kuveza esinye isithombe. Kulokhu uMnyango uhlela ukuhlanganisa amaphoyisa nezinhlango ezizimele ukuze kwakhiwe uhlelo oluzosiza ukulekelela abahlukunyeziwe.

## ISIPHETHO

Somlomo, lesisethulo sesabelomalingabeasiphelele umangingadlulisanga ukubonga kwami okukhulu kulaba bantu, amaqembu nezinhlango ezilandelayo:

- INhloko yoMnyango wami uNks Yasmin Bacus, ithimba lakhe elisha aphethe nalo nabo bonke abasebenzi boMnyango;
- Ihhovisi likaNgqongqoshe;
- Amaphoyisa e-SAPS KwaZulu-Natal;
- IKomiti lezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi (eSishayamthetho saKwaZulu-Natal);
- Ubuholi namalungu ama-Community Poling Forum;
- Yibo bonke ababambe iqhaza ekulweni nobugebengu;
- Amalungu omphakathi;
- Nabemithombo yezindaba.

Ukubambisana kwenu noMnyango wethu